



SIMAMA

USHICILELO LWAMAHHALA LUKAHULUMENI WESIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI

USHICILELO 189 • APRIL 2016

UNDUNANKULU WETHULE ISABELOMALI SEHHOVISI LAKHE



UNDUNANKULU wesiFundazwe saKwaZulu-Natal uMnu. Senzo Mchunu ukhombise ngezenzo ngenkathi ethula Isabelomali esingafani nesanyakenye ngenxa yokwehliswa kwemali eyabelwa izifundazwe ngenxa yokwehla komnotho. . Isithombe: **ZANDILE SHANGE**

■ Isabelomali se-Hhovisi likaNdunankulu wesiFundazwe uMhlonishwa uSenzo Mchunu esethulwe kuSishayamthetho eMgungundlovu sikhombise ukuba matasatasa kwesiFundazwe esisebenzela ukufeza izimfuno zezakhamizi ngokushesha. **Bheka udaba ekhasini 4**



SilwisananeSifo seNgculazi neZifo zoCansi
21ST INTERNATIONAL AIDS CONFERENCE
DURBAN ICC 18-22 JULY 2016

This Is Your Life **Live It**
Access Equity Rights Now



OKUNGAPHAKATHI



MAYELANA NALOLU SHICILELO

Ushicilelo lukaHulumeni wakwaZulu Natal olusemthethweni. I Simama iqukethe phakathi kokunye izindaba, imibiko, nezimemezelzo zaHulumeni wesiFundazwe.

Ishicilelwu kabi ngenyanga.

Uma unesifiso sokuthola ikhophi yakho ithunyelelwu esikhungweni sakho esifana nesikole, umtapo wolwazi, isibhedlela, ungathintana nehhovisi likaNdunankulu waKwaZulu-Natali: 033 341 3300 nomathami.ngwenya@kznpremier.gov.za.

Ithimba elihlanganise iphephandaba:

Umhleli omkhulu: Thamsanqa Ngwenya

Umhleli wezindaba: Sibusiso Magwaza

Umhleli wamakhasi: Bonga Khoza

Abezithombe:

Zandile Shange no Yolanda Zondi

© KZN Provincial Government

IZINKINGA ZESOMISO ZIDALA INDLALA KUBALIMI BAKAMOBA BASEMABHUYENI KWESAKWAMTHETHWA

IKHASI 3

Abalimi bomoba eMabhuyeni kwesaKwaMthethwa bakhale ngendlala ngesikhathi bevakashelwe yiPhini likaNgqongqoshe wezoLimo, amaHlathi kanye nokuDoba kuzwelone, uMnuz Bheki Cele, ngenxa yokungahlahli isikhathi eside okudalwa isomiso esikhungethe leya ndawo.

KULOKOZA INHLANSI YETHEMBA ELISHA NGOKULETHWA KWEZIDINGO

IKHASI 7

Kulindeleke ukuba zinciphe kakhulu izihibe ekulethweni kwezidingo kubantu kusukela manje kuya phambili.

OWEZOKUTHUTHUKISWA KOMPHAKATHI UBHEKENE NGQO NENSELELO YOKUBEKELELA IZINGANE NEMINDENI

IKHASI 9

Nakuba kunezinselelo ekutheni usizo lufinyelele ezinganeni, uMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi ughubekela phambili nomsebenzi wokunakekela futhi kuthuthukiswe izimpilo zezingane ezintulayo, eziyizintandane, kanye nezingenabani.

OWEZOKUTHUTHUKISWA KOMPHAKATHI WETHULE ISABELOMALI ESIBHEKELELA IZAGUGA NABAKHUBAZEKILE

IKHASI 11

Uphinde wakubeka eqhulwini ukunakekelwa kwezaguga kanye nabakhubazekile uNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi, uNkosikazi Weziwe Thusi, enkulumweni yakhe yesabelozimali saloMnyango sonyaka ka 2016/2017, esishayamthetho sesiFundazwe saKwaZulu-Natali eMgungundlovu muva nje.


ISABELO SEZIMALI SOMNYANGO WEZEMFUNDU

IKHASI 14

UMphathiswa weZemfundo KwaZulu-Natal, u Neliswa Peggy Nkonyeni uthule isabelo simali soMnyango weZemfundo KwaZulu-Natal esingu R 45 464 373 billion.



PROVINCE OF KWAZULU-NATAL
ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI





Iphini likaNgqongqoshe wezoLimo, amaHlathi nokuDoba kuzwelonke, uGeneral Bheki Cele, noNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali, uMnuz Cyril Xaba noMnuz Mthethwa ongowasebukhosini besaKwaMthethwa ngesikhathi behambele amasimu kamoba angachumanga ngenxa yesomiso akwesaKwaMthethwa

Isithombe:
MBUYISELO NDLOVU

IZINKINGA ZESOMISO ZIDALA INDLALA KUBALIMI BAKAMOBA BASEMABHUYENI KWESAKWAMTHETHWA

■ Uma uHulumeni esilekelela isimo sizobuyela kwesijwayelekile emuva konyaka, kodwa uma sizizamela thina sizotabalasa kanzima nokungagcina singakwazanga ukwenza inzuzzo ngomoba

BRENDA MQWAMBI

A balimi bomoba eMabhuyeni kwesaKwaMthethwa bakhale ngendlala ngesikhathi bevakashelwe yiPhini likaNgqongqoshe wezoLimo, amaHlathi kanye nokuDoba kuzwelonke, uMnuz Bheki Cele, ngenxa yokungahlahi isikhathi eside okudalwa isomiso esikhungethe leya ndawo. Umphakathi wakule ndawo uziphilisa kakhulu ngokutshala umoba ebese osonkontileka bebatuthethela bawuse emshinini kashukela, nokubenzela inzuzzo enkulu abalimi bakule ndawo kule minyaka edlule.

Muva nje babe nezingqinamba eziningi nezenze ukuba bazidele

amathambo babhalele, uMnuz Bheki Cele, kanye noNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya, uMnuz Cyril Xaba, bebacela ukuthi bake babavakashele ukuze bazozibonela izinkinga ezibagubuzele.

Usihlalo wakwaMthethwa Local Association okuyinhlangano yabalimi bomoba bakule ndawo, uDkt Anthony Mlondo, uthe isomiso senze abalimi bakamoba bakule ndawo balahlekelwe uR10 million ngonyaka nokuyimali enkuu njengoba isomiso siqale ngo-2013.

Bezikhalela abalimi baseMabhuyeni bathe badinga ukuba amasimu abo aqalwe phansi ngoba umoba ushile, futhi

njengoba isomiso simoshile abanayo imali.

Amasimu abo asegcwele ukhula ngoba abantu sebaphelela ithemba. "Uma uHulumeni esilekelela isimo sizobuyela kwesijwayelekile emuva konyaka, kodwa uma sizizamela thina sizotabalasa kanzima nokungagcina singakwazanga ukwenza inzuzzo ngomoba," kusho omunye wabalimi bomoba endaweni uMnuz Ngcobo.

Omunye umlimi osathuthuka, uMnuz Sizwe Mdletshe, uthe eMabhuyeni bebevuna amathanzi angu-17 000 sebehlangene kodwa ngonyaka odlule bavune 5800 kuhela. Bekuqashwe abasebenzi abangu-1500 abahlahla umoba

bonke bahlezi emakhaya manje abasebenzi isimo sibi, kusho uMdletshe. USihlalo we-Youth in Agriculture KwaZulu-Natali, uMnuz Noah Nyayo, uthe isomiso sihlukumeze kakhulu abalimi abasebancane nokwenza kuge nzima kubona ukuqala kabusha ngenxa yokuthi abalutholi uxhaso kalula emabhange.

Ekhulumo ngesikhathi ehambele kuleya ndawo uMhlonishwa uXaba uthe uMnyango unezinhlelo vele osuziqalile ukulekelela abalimi abakhahlamezwe isomiso.

"NjengoMnyango sizohamba siyohlala phansi sibheke ukuthi indawo yesaKwaMthethwa yona ingalekelela kanjani njengoba nayo ingezinye zezindawo

ezikhahlamezwe isomiso," kusho uXaba. Utthe kusemokha ukuthi baziniikeze isikhathi sokuyocubungula ukuthi Iusizo Iuni futhi olungadinga ukuthi ungeneli kanjani uMnyango ukuze kuqinisekiswe ukuthi bathola usizo oluzokwenza umehluko.

Utthe okumjabulisa kakhulu ukuthi amahhovisi oMnyango asezoba khona eMfolozi nokuzokwenza abalimi bakwazi ukuthola usizo IweZolimo eduzane.

UMnuz Cele uthe kubaziswa ubuhlungu ukubona abalimi abazizamelayo betabala ngenxa yesomiso.

Utthe bazokwenza imizamo yokuthi kube khona uHulumeni akwenzayo ngalolu daba.



PROVINCE OF KWAZULU-NATAL
ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI



21ST INTERNATIONAL AIDS CONFERENCE
DURBAN ICC JULY 18-22, 2016

**"Strengthening the Fight
Against HIV and AIDS Pandemic"**



ISABELOMALI SEHHOVIKI LIKA – NDUNANKULU SAKHE UMFANEKISO WESIFUNDAZWE ESIMATASATASA UKUFEZA IZIMFUNO ZABAHHLALI

Ngemikhankaso efana nale ethi “I Do Right” kusho ukuthi ihovisi lakhe lizoqhubeka nokuba unembeza wesifundazwe noHulumeni ukuze ubuyise ithemba wehlise nenkohlakalo.

SIBUSISO MAGWAZA

sabelomali se-Hhovisi likaNdunankulu wesiFundazwe uMhlonishwa uSenzo Mchunu esethulwe kuSishayamthetho eMgungundlovu sikhombise ukuba matasatasa kwesiFundazwe esisebenzela ukufeza izimfuno zezakhambi ngokushesha.

Njengomholi, uNdunankulu ukhombise ngezenzo ngenkathi ethula ilesisabelo esingafani nesanyakenye ngenxa yokwehliswe kwemali eyabelwa izifundazwe ngenxa yokwehla komnoho.

Neyomyango wakhe uNdunankulu beyehliswe njengoba kwehliswe eyayo yonke iminyango kodwa kube kulindelwe ukuthi ukwenziwa kwemisebenzi kaHulumeni kungaphazamiseki.

UNDunankulu ubeke eqhulwini izinhlelo zokupathata okuqotho nokungenalo nelilodwa ichashaza lenkohlakalo. Wethule lenkulomo ethakaselwe kakhulu ngokuthi akhulume ngokuswelakala kwerobhoti laseMatubatuba.

Uthe yize kwaziwa ukuthi uHulumeni akanayo imali kodwa kuyinto enhle ukuthi abantu bakhombise intshisekelo yokubona inqubekela phambili ezindaweni zabo. Yingakho ebone ukuthi nakuba ilesisakhamu esibika ngesiminyaminya sezimoto eMatubatuba besingaqonde ukuthi inkulomo yaso igcine isikhulunywa ephalamende, kodwa kubalulekile ukuthi lokhu abekusho ke kulalelw ezipathimandla ezikuHulumeni.

Ingxenye enkulu yesabelomali seHovisi likaNdunankulu yabelwe umnyago wemigomo kanye nezokubusa (governance).

Lemali izosetshenziswa ukufeza imikhankaso yokulawula sisifundazwe kanye nokusimamisa amathuba entuthuko kuso sonke sisifundazwe.

Bekuvele kulindelekile ukuthi isalelomali salelihovisi sibe sincanyana kuneseminyaka edlule



ngoba vele umsebenzi walelihovisi ukwengamela nokuhlola ukuthi eminye iminyango iseberna kanjani. Nakuba ilesisabelo sithe ukwehla, kodwa uNdunankulu ukwazile ukubikela iphalamende ngenqubekela phambili ayenzile nyakene.

Ubale imizamo yokudambisa udlame olwalubhekiswe kwabokufika, ukuxhasa umnyango weSilo, ukugxilisa intando yeningi, ukuhlanganisa zonke izinhlanga (social cohesion), imizamo yokuthiba indlala, ukuswelakala kwemisebenzi kanye nokuqguqguzelu ukuhlonishwa kwamalungelo abantu.

UNDunankulu uthe umnyango wakhe ukwazile ukufeza okuningi obekuhlelw ngesabelomali sanyakenye. Uthe lokhu

kukhombisa ukuthi bewuHulumeni bayakwazi ukufeza izinhlosi zomnyango yize imali abanayo ingenele.

Uthe ziseningi nokho izinselelo ezbhekene nabantu besifundazwe, lapho ebale khona indlala, isomiso, isifo sengculaza kanye nokuhlukumezeka kwamalungelo abesifazane nabantwana.

Uthe nakuba isimo singagculisi kodwa abantu besifundazwe abangalilahli ithemba.

Ubakhumbuze ukuthi wonke umholi okukhabhinethi yakhe, nesisebenzi sikaHulumeni sikhona ngenxa yokuzimisa ukwenza impilo yezakhamu ibe ngcono.

Ukhuthaze zonke izakhamu zalesisifundazwe ezibalelw ku 10.2 wezigidi ukuthi zizimisele ukulungisa noma imuphi

umonakalo eziwubonayo ngokubambisana nHulumeni. Uthe abantu abangathuli uma bebona izinto zingalungi ngisho ngabe izinkinga zidalwa abasebenzi bakaHulumeni.

Uthe ngokusebenza ngokubambisana naso sonke isifundazwe, sonke singaphila kangcongo futhi kube namathuba amaningana. Ubale ukuvulwa kweMayini endaweni yaseMthunzini ngaphansi komasipala waseMlalazi edle imali engango R2.56 wamabillion njengendlela yokuhombisa ukuthi isifundazwe sethu siyathenjwa futhi nabaholi baso basathembekile.

Kulemayini kudaleke amathuba emisebenzi angaphezu kwamakhulu amanr kanti namanye asangabuye avuleke.

Uqhube wathi ngemikhankaso efana nale ethi “I Do Right” kusho ukuthi ihovisi lakhe lizoqhubeka nokuba unembeza wesifundazwe noHulumeni ukuze ubuyise ithemba wehlise nenkohlakalo.

Uthe lomkhankaso ungaba nomfutho uma bonke abantu bengabamba iqhaza ukuwuqhubezelala.

Uthe kuyamthokozisa kakhulu ukuthi eminye yemisebenzi ayenzayo ukuxhasa umnyango weSilo owabelwe isamba sika R48,863 miliyoni.

Uthe uyathemba ukuthi ngokusebenzisana nalomnyango bazokwazi ukwenza imizamo yokuthola enye imali ukuze basize imizamo eminingi eyenziwa uHlanga LomHlabathi.

I DO RIGHT

EVEN WHEN NOBODY IS WATCHING

ANTI-CORRUPTION HOTLINE - **0800 596 596**

UNDUNANKULU UBONGELE IMBONI KASHUKELA NGOKUQEDA IMINYAKA ENGAMASHUMI AMAHLANU ISIZA NGEMIFUNDAZE KUBAFUNDI ABAHLWEMPU

INkosi ULuthuli ishiye umzekelo oyohlala ukhunjulwa njalo. Uswele imilomo eyizinkulungwane ukubonga kulezizophathimandla ezitshale ngaphezu kwezigidi ezingamashumi amahlanu amarandi

SIBUSISO MAGWAZA

UNdunankulu wakwaZulu-Natal umhlonishwa uSenzo Mchunu uncome igalelo lemboni kashukela ebibuba iminyaka engamashimi amahlanu seloku yasungula uhlelo lokusiza ngemifundaze abafundi abahlwempu.

UNDUNANKULU ubeyisikhulumi sosuku eNkosi Albert Luthuli kulomgubho obuhanjelwe ngisho nayinhloko yamaJaji eNtshona Koloni uJudge John Hlophe, oNgqongqoshwe Mike Mabuyakhulu, Dokotela Sibongiseni Dlomo kanye nezinye izikhulu eziphezulu ebezivela ezinkampanini ezizimele. Uthe kuyinto engakhola kakhulu ukuthi kunemboni eyayizimisele ukuphucula impilo yezingane ezivela emakhaya ahlwempu ngale kokucwasa ngebalu okwakubhidlane kakhulu

kulesisiFundazwe. Uthe izingane ezingaphezu kwezinkulungwane ezilishuni sezihlomulile ngaloluxhaso oluvela kulemboni kaShukela.

Uthe lolusizo lubeza ngokusobala ukuthi uma uhulumeni esebezena ngokubambisana nezimboni ezizimele kuningi okungazuzwa

UNDUNANKULU uphinde wabonga iziphathimandla zalemboni ngokuzihlanganisa nalomkhatha wezolimo omkhumbuze impilo yeqhawe lomzabalazo wabantu nenhangano ye ANC iNkosi u-Albert Luthuli owayenguMengameli we ANC owasebenza kanzima ebamba imihlangano nabalimi ezimobeni zako-Goroutville.

Uthe INkosi ULuthuli ishiye umzekelo oyohlala ukhunjulwa njalo. Uthe uswele imilomo eyizinkulungwane ukubonga kulezizophathimandla ezitshale ngaphezu kwezigidi



UNDUNANKULU wakwaZulu-Natal umhlonishwa uSenzo Mchunu

ezingamashumi amahlanu amarandi ukusiza abafundi abavela emakhaya aswelayo.

Uthe ezinye zalezizingane sezifunde zaze zaba abantu abahlonishwayo futhi abahlakaniphile asebebamba neqhaza elikhulu ekuphuculeni izinga lomphakathi.

Uqhubo wathi yonke leminyaka engamashumi amahlanu yalemboni esiza abafundi iwuphawu olukhombisa ukuthi lemboni kashukela beyazi futhi iqonda ngezinga lenhlalompilo yabantu nezinga eliphezulu lobubha eliphekene nentsha yethu.

Uthe ujabula kakhulu ukuthi lentsha inikezwe ithuba lokushintsha impilo futhi ikhombise amakhono enawo kwezemfundo. Uthe umcabango kaHulumeni akade aba nawo wokuthi ukuze izingane zikwazi ukuncintisana ngokulinganayo emhlabeni kudinga

uqequeso kanye nokucathuliswa ngenhloso yokuthi umuntu akwazi ukuzimela

Uphinde wayibonga lemboni ngamathuba omsebenzi esiwavulile ukusiza abantu ababalelwya ngaphezu kuka 79000 okuyisibalo esikhulu kubasebenzi abasebenza kulemboni yezolimo eNingizimu Afrika yonkana.

Ngenxa yesenzo salemboni esikhuthazayo, UNDUNANKULU uthet kuzofanele lemboni ivikelwe ukuez ikhande amanye amathuba emisebenzi amanangi.

Uthe UHulumeni wakhe uzimisele ukusebenzisana nabalimi abasakhula abasanda kuthola imihlabo ngokohlelo lokubuyiselwa imihlabo ukuze bathole ukufundiseka nokucathuliswa ukuthi usesthenziswa kanjani umhlabo.

Amadeli obisi aneqhaza elibalulekile ekuthuthukiseni umnotho wezolimo

LONDIWE NGIDI

UNGQONGQOSHE woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya, uMnuz Cyril Xaba, uvule ngokusemthethweni isikhungo esenza imikhiqizo yobisi esibizwa ngokuthi yi-Dairy Day Farm eHowick ngaphandle kwaseMgungundlovu.

Lesi sikhungo, esiqashe abasebenzi abangu-1 712, sakhiwe ngemali elinganisela ku-R100 million etshalwe ngabanikazi bebhizinisi ukuze ibhekelele zonke izidingo zebhizinisi njengoba lisqaala ukusimama.

Lo msebenzi omkhulu kangaka waqala ngephupho likaMnuz Stuart MacKenzie, ongumlimi nomphathi waleli-Deli owayefuna ukuthi kube khona umfelandawonye wabalimi abasafusa abazohlangana bakhe indawo enkulu ezodidiyela imikhiqizo yabo kunokuba basebenze ngokuzimela.

Abatshali zimali abaxubile okukhona kubo nabamnyama abafake izimali banesabelo esingu-80% kuleli bhizinisi.

Ngesikhathi ekhulumma emcimbini wokwethula leli bhizinisi obuhanjelwe nanguNgqongqoshe walo Mnyango, uMhlonishwa uXaba, uMcKenzie uthe ufikelwa

wusizi uma ekhumbula izinsuku ezzimza abadlule kuzo ngaphambi kokuba kufezeke iphupho lakhe.

Uze wacweba izinyembezi ngesikhathi echaza ngemigudi ayihambile neminyango abebengqongqoza kuyo efuna usizo futhi esikhathini esiningi ebhekana nezingqinamba obekunzima ukuzixazulula.

Okuhlabo umxhwele nakakhulu ukuthi akugcini nje ngabani kazi benkampani ukuba nengxenye ebhizinisi njengalokhu nabasebenzi benesabelo esithile ebunakazini benkampani okuthathwa ngokuthi ngeke kushiye umphakathi waseHowick ungazusi lutho ukuba khona kwalo msebenzi.

IDeli lingamamitha angu-15 000 futhi likhiqiza amalitha obisi angu-600 000 zinsuku zonke.

Kusukela ngo-2014 elasungulwa ngawo selakhe ubudlelwane nezikondlakhondla zeinkampani ezenza imikhiqizo yobisi njenge-Stonelees Dairies ne-Honeydew Dairies engenisa ngamandla kulo mkhakha njengoba imikhiqizo yayo idayisa okwamagwinya ashisayo ezitolo. Lokhu kudalele imakethe enamandla leli bhizinisi okwenza



UNGQONGQOSHE wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya, uMnuz Cyril Xaba, iMeya kaMasipala waseMngeni, uKhansela Mbali Myeni nephini likaSihlalo webhodi yakwaDairy Day, uMnuz Stuart MacKenzie ngesikhathi bebuka umsebenzi wale nkampani esizindeni sayo. Isithombe: MBUYISELO NDLOVU

kubonakale liyokwazi ukumelana nobunzima ngomuso uma likhula.

UMKenzie uthe ubudlelwano nezinkampani ezibaliwe kwenza ukuthi bazimisele ukukhiqiza ubusi oluyikhwalthi futhi nomthamo omkhulu ukuze zikhathi zonke kuhlangabezwane nezidingo zabathengi.

UXaba uthe uyakuthokozela ukuthi kwande izinhlelo ezinjena ngoba zizovula amathuba okuthi abantu abasemkhakheni wezolimo babambe iqhaza emnothweni wezolimo.

Uthe kuzophinde kuvulele abantu abasemazingeni omnotho osathuthuka ukuthi nabo bangene

ezingeni elikhulu lezomnotho futhi okujabulisa nakakhulu ukuthi abasebenzi baleli pulazi lobisi banamasheya nabo ebhizinisi okwenza ukuthi nabo bahlomule emnothweni osudalwe yileli bhizinisi.



This Is Your Life

Live It

Access • Equity • Rights Now

UNDUNANKULU UBONGE ABANTU BALESISIFUNDAZWE NGOKUZINIKELA KWABO BEBAMBISENE NOHULUMENI IKULWA NENHLESE YESIFO SESANDULELA-NGCULAZA

Njengoba lomhlangano owenziwa umhlabo wonke uzoba owamashumi amabili nanye lona uzoba nomehluko. Ihlale yenziwa lemihlangano kodwa lona uzoza nemiphumela ehlabaahlosile

CUTHBERT NUZA

UNdunankulu wesiFundazwe saKwaZulu-Natali umnu Senzo Mchunu ubonge abantu balesisifundazwe ngokuzinikela kwabo ekubambisaneni nohulumeni ekulweni nenhlese yalesisifo.

Ube esepongabu abadidiyeli abaqale ngokuhlela imashi yokuqopho izinsuku ezisele kubo nengqungquthela ezobhekana namasu ekulweni negciwane.

Uphawule kamnandi okaMacingwane ekhomba injabulo ethi lomhlangano uzoba sedolobheni lethu, esifundazwe sethu, ezweni lethu lomzansi Africa nkwizwekazi lasemazansi nomhlabo (southern hemisphere).

"Lomhlangano usilethela ithembu ukuthi uzoba nengqophamlando njengoba uthinta imikhakha yonke yalesisifundazwe kusuka emazingeni aphansi omphakathi kuyakuhulumeni.

Lezizinhlaka ziyaye zisebenzisane ngobuchule njalo uma zenza izinto ezinhle zesiFundazwe' kusho uNdunankulu. Izinhlelo nezinhlaka zonke sezimi ngononina.

UMacingwane uthe njengoba lomhlangano owenziwa umhlabo wonke uzoba owamashumi amabili nanye lona uzoba nomehluko.

Ihlale yenziwa lemihlangano kodwa lona uzoza nemiphumela ehlabaahlosile ekulweni negciwane kanye nesandulela sakhona.

Umhlangano uzokwethula ubuchwepheshe obusha bososayensi osebenziwe.

Lokhu kuzoza noshintsho impela njengoba kuzobonakala ngendlela abantu abazoshintsha ngayo ekuziphatheni, nezibalo zabantu abazothelileka kabusha zizokwehla. Lomhlangano uzoletsha ugqozinofuqufuqu kubantu bonke ekulweni nalenkinga kamashobane.

Kulindeleke amasu amasha azothulwa azoba umkhombandela esifisweni sawowonke umuntu, sokuthi kuyashaya u-2030 igciwane sekuyinto eyiphupho, yilo eyiphupho lethu lempela

Amalungiselelo omhlangano wamazwe ngamazwe ozocubungula ngebangas eselihanjive mayelana nobhubhane oluhlasele umhlabo wonke ingculaza (Aids conference 2016) asesemome.

Lomhlangano uhlelelwa ukuba uye seThekwini mhla 18-22 kuNtulikazi kulonyaka. Umhlangano ugale ngemashi eqale eGugu Dlamini owaba owokuqala ukuba isisulu sokubulawa ngenxa yokuphumela obala ngesimo ayephila naso skuba nesifo sengculaza.

Lemashi ibiholwa ubuholi obuphezulu kwisiFundazwe saKwaZulu-Natali. Singabala



uNdunankulu umnu, Senzo Mchunu, ongqongqoshe bakhe Nomusa Dube-Ncube, umphathiswa weZamaciko kanye nobuholi boMdabu uNkosikazi Sibhidla-Saphetha, umphathiswa weZempilo uBrig. Dokotela Sbongiseni Dhlomo, umeya weTheku James Nxumalo, usekela sihlalo webhodi elibhekele isifo sengculaza kulesisifundazwe Patrick Mdletshe kanye nomsizishlalo webhodi lika 2016 elibhekene nesifo sengculaza Prof Olive Chisana.

UMeya weTheku uJames Nxumalo ube esemukela abasingathe lengqungquthela ngokuthi abongele iTheku ngokuba libe indawo lapho yonke imihlangano emikhulu, imicibimbi, ezemidlalo kanye nabafisa ukuvakasha beye bathande ukuba kuyo. ITheku lizobe seliwubamba okwesibili lomhlangano njengoba wagcina ukubakhona ngo 2013.

Kuzobe sekuwumhlangano wamashumi amabili nanye ngalonyaka lo ophezulu ukuthi ozohlanganisa amazwe ngamazwe ezobhunga nalesisifo.

Ukwethulwa kwalomhlangano kwenzeka kahle ngoba neNyuvesi yaKwaZulu-Natali isithathe igxathu elithile ophenyweni lwayo nokuza nezinto ezingasiza ekulekeleleni ukwehlisa amandla alesisifo kubantu. Kulindeleke izihambeli ezingaphezulu kwezinkulungwane ezingamashumi amabili ezizolqhamukisa emazweni ahlkene.

Lezizivakashi zizokhuphula

umnotho wesiFundazwe ngesilinganiso esingafinyelela emakhulwini ayisikhombisa ezigidi zamarandi. Ihluso yalomhlangano ukuza neqhinga lokunqamula ukubhebhethuka kwesandulela nculaza kanye nengculaza uqobolwayo.

Ukuza kwezivakashi ezingaka kulesisifundazwe kusilethela amathuba ukuthi izivakashi zizikhethela zona ukubuya zizovakasha ngesikhathi esizayo.

Uma abantu besifundazwe bengakhiqiza izinto ezifunwa izivakashi futhi baphatthe kahle izivakashi kungabeka ilesisifundazwe emathubeni amahle kwezokutshalwa komnotho nasebalazweni.

Lomhlangano uzobe unezinjula buchopho zabacwaninga nalesisifo, abahlaziya imithetho ephathelene nezinto ezithinta ilesisifo, nemigudu elandelwayo ophenyweni njalonjalo.

Umkamo wokuqedo leligciwane ukuthi kuyashaya 2030 alisekho emphakathini.

Lesisifo sithinta izinhla zomphakathi zonke kusukela kuhulumeni, abaholi bemikhakha eyahlukene, ubuholi bomdabu njalonjalo. Ukuhlanganisa amakhandha ekulweni nalesisifo kuyinto ebalulekile kubeka umphathiswa Dube-Ncube. Naye uphonse itshe esivivaneni ukuthi umphakathi walelizwe nawo ube ingxenye yalenkomfa.

Unxenxe abantu besifundazwe ukuthi bangabacwasi labo abaphila nesifo nokuthi imindeni ibasekele

ngezikathi zonke. Imikhankaso izothatha elinye igiya ekuhleleni lomhlangano futhi uma usukhona umhlangano abantu baKwaZulu-Natali bazofunda okuningi njengoba abantu bemikhakha eyahlukene bezoba bethekelana ngolwazi oselwenziwe kumazwe abasuka kuwo.

Isizulu sithi injobo ithungelwa ebandla yikho kuhlelwa lenkomfa ezosiza abantu bakulomhlabo esiphila kuwo. U-Brig Dokotela Dhlomo ubekile ukuthi njengoba abantu bomhlabo beza ezweni lethu basibhekile ukuthi sinaziphi izinhlelo futhi senzanjani silwa kanjani nengoloyi kamashayabhuqe.

Sesiwanyuse afikaphi amazinga ekulweni nesifo lesi, wacela nemikhuleko kwabezenkolo njengoba umkhulu lomsebenzi wokulwa nezifo ezahlukene kanye nalezo ezincike kulesi esiyikhondla khondla. Izikhulumi zinxuse intsha ukuthi iziphathe kahle bazame ukuthi baziqhelelanise nocansi balugweme nje kungabi into esedule nawe.

Bayaziggajja abaphila nobhubhane abangakayiqali indlela yokusebenzia amaphilisi. Bazisholo ngokwabo ukuthi uma usutshelwe odokotela okanye usufike ezingeni lokuthi ugale ukusebenzia amaphili ungazibambezeli, gibela inqola ziye unomphela ungabe usawayeka amaphilisi.

Amaphilisi ahlonzwa wodokotela ukuthi ayasiza ekukwandiseleni izinsuku zokuphila futhi

ayalinciphisa igciwane lize lifike esigabenla la lingasakwazi ukuzandela ngentando yalo.

Uma odokotela bekuhlola noma amanesi ekutshela ukuthi usuhalatshwe ameva indaba iqala lapho la sekufanele ujike uphile impilo eshantshile. Uqala ngokuzithiba ocansini olungaphophile, udle ukudla okunomsoco bese uzivocavoca.

Uma usunalo igciwane kufuneka uzibheke ukuthi osomathuba bezifola abahlasela amasotsha omzimba adala ukuthi ugcine ugula uzame ukuzivikela kosomathuba.

Abaphila negciwane besimame bathi kungakuhle ukuba kungabukwa igciwane lodwa kodwa akubukwe lona lihambisanekohuklukunyeza kwabesifane emakhaya, emsebenzini nakuzo zonke izindawo esiphila kuzo singabantu. Uma kuyiwa kulomhlangano bathi kungakuhle ukuthi bethi behkuluma ososayensi ngasohlangothini lwabo nabo abantu babenezwi elizohlangabeza usizo olulethwa ososayensi kusetshenziswane ukuze kubempumelelo ekulweni nesihlava.

Ukuba nesizwe esikhululekile kobonakala kahle mhla sakuhululeka emaketangweni engculaza. Abantu abathathe udondolo basukuma ekutheni balwa nalesisifo akukhathaleki noma abavelanga emaphepheni noma ko TV lokho nje kukodwa kuyoba isibusiso ezimpilweni zabantu bomzansi.

Kuzobaluleka ukuthi lomhlangano omkhulukazi uvele waqondana ngqo nosuku okwazalwa ngalo isithalandwe sezwe lethu uTata oMkhulu uDokotela uMadiba.

Babalelwu kubantu abangaphezulu kwamashumi amahlanu nanhlanu abantu abazokhuluma abasuka kulesisifundazwe.

Labongoti basuselwa ethimbeni lesifundazwe elikade laqala ukusebenza elibheka amasu okulwa nalesisifo.

Kulomhlangano kulindeleke ukuthi abantu bangabhalisa njengamavolotia angasiza ngesikhathi kuqhube inkoma.

Ulwazi oluzotholakala kulenkomfa lizonothisa umphakathi walesisifundazwe, iningizimu Africa kanye namazwe angomakhelwane ukunkqoba lesisifo. "Wonke umuntu walelizwe kufanele abe nento ayenzayo ukufaka isandla ukulwa nenkinga yegciwane noma ngabe uneminyaka emingaki.

Ngokubambisana nango kusebenzisana sakha izwe lakithi elinempumelelo okuzokwenza umhlabo wonke uthi umzansi wenzangani" kuphetra okaMacingwane.

KULOKOZA INHLANSI YETHEMBA ELISHA NGOKULETHWA KWEZIDINGO

Konke esizokwenza singuhulumeni kuzolandelwa imigomo yohlelo Iwe- Back to Basics,” usho kanjalo uDube-Ncube, nokulandelwe yinhlokomo eSishayamthetho.

VERNON MCHUNU

Kulindeleke ukuba zinciphe kakhulu izihibe ekulethweni kwezidingo kubantu kusukela manje kuya phambili.

Lokhu kuzobangelwa ngukuthi indlela yokulethwa kwezidingo ngqangi nentuthuko manje isizoncika kakhulu ekubekeni imizwa yabantu phambili, kucoshelele kakhulu kunangaphambili uma kusetshenziswa imali yomphakathi, nokungeminye lena yemigomo yohlelo lokulandela umongo woMthethosisekelo obeka phambili amalungelo abantu.

Lenhlansi yethemba iqhakambe ngesikhathi uNgqongqoshe wezokuBusa ngokuBambisana neZindaba Zomdabu, uMhlonishwa uNomusa Dube-Ncube, ethula inkulumo yesabelo-mali somnyango.

Ukuba ngumholi kulomyango kumenza uDube-Ncube abe ngumnikazi wokulawula indlela omasipala abaziphatha ngayo ukuletha izidingo kubantu. Kanti ke omasipala yibona phela abayizinda zikahulumeni ezisondelene nabantu futhi ezingubuso kanye nezandla zikahulumeni.

Ngakho-ke okushiwo nguDube-Ncube njengendlela yokusebenza, kuniyeza isithombe ngendlela ezolandelwa uma kusetshezwa



emazingeni kahulumeni.

Lendlela entsha yokusebenza kakahulumeni yethiwe ngokuthi yiBack to Basics programme, nokuchaza ukuthi umongo wayo ususelwe kumthethosisekelo weze, nokungumkhombandlela wokuthi uhulumeni nezwe lonke kumele kusatshenzwe ngokubhekelela kuqala izakhamizi futhi kuholishwe inkece

yomphakathi ukuze indibilishi nendibilishi yenze umehluko ekuthuthukisweni kwezimpilo kanye nezwe lonkana.

“Konke esizokwenza singuhulumeni kuzolandelwa imigomo yohlelo Iwe- Back to Basics,” usho kanjalo uDube-Ncube, nokulandelwe yinhlokomo eSishayamthetho.

Uhlelo IweBack to Basics luqalwe

ukwethulwa enyangeni ka Septemba ngonyaka ka 2014 ezingeni likaZweloke engqungqutheleni eyayise Mildrand eGoli, nalapho Iwaghakanjiswa njengesombululo ezingqinambeni ezikhona kanye nasezikhalazweni abantu abanazo mayelana nentuthuko kanye nokulethwa kwezidingo emakhaya.

UDube-Ncube wethula inkulumo

yakhe ngeledlule nje, omasipala sebevele beqala ukusebenza ngaphansi kwemigomo yeBack to Basics programme.

KwiSabelo-Mali somnyango, uDube-Ncube wenabe wathi emsebenzini womnyango kanye nomasipala esifundazweni, phakathi kokunye kuzosetshenzwa kanjena:

Kuzobekwa abantu kanye nemizwa yabo phezulu eqhulwini kukhona konke okwenziwayo, futhi kudeze kuxhunyanwa ngasosonke isikhathi nemiphakathi ngokwehlukana kwayo.

Kuzokwenyuswa izinga ngendlela izidindo ezilethwa ngayo kubantu. Omasipala bazokhombisa ukuphatha ngendlela esezeningi elamukelekile, ngokuthi bangamoshi imali; bangaqashi abantu abangenawo amakhono; futhi konke abakwenzayo bakwenze ngokusobala emehlwini omphakathi;

U-Dube-Ncube uqhube wathi ukuze kuqinisekiswe ukuthi omasipala basebenza nsukuzonke bengaphazami kulemigomo, kuzoba nesakhiwo emnyangweni esimelele ukweseka nokuqondisa omasipala kulenyathuko entsha yokusebenza.

Isexwayiso ngemililo yequbula ngenxa yesomiso

VERNON MCHUNU

Njengoba iningi labantu libheke ukuntuleka kwamanzi okucheleta kwezolimo kanye nokuphuzisa imfuyo njengobungozi obulethwa yilesisomiso esikhungethe isifundazwe saKwaZulu-Natali, sekuphume isexwayiso esisha ngenye ingozi engadalwa yisomiso.

Kulindeleke ukhumbintethi lwemililo yequbula njengoba kungena ubusika nje, nokuyinkathi yezelu evamisa ukuza nemimoya emikhulu phezu kokuthi utshani bomile kanti namanzi ayantuleka.

Lesi yisexwayiso esikhishwe nguNgqongqoshe wezokuBusa ngokuBambisana kanye neZindaba Zomdabu, umhlonishwa uNomusa Dube-Ncube, obethula inkulumo yesabelo-mali somnyango ngeledlule.

“Sifisa ukuba abantu bakithi baziphathe ngendlela yokuphelela kakhulu ukuthi kungokheleki imililo engacina ibhebhethuka ibe yimililo yequbula, ngoba ukokheleka komlilo omncane nje endle, kungaba yingozi enkulu kwazise amanzi okucima imililo ayantuleka ngenxa yalesisomiso, kanti futhi notshani ezindaweni eziningi bomile ngenxa yakho ukungani kwezulu,” kusho ungqongqoshe.

Uthe nakuba uhulumeni eme ngomumo ukubhekana nesomiso, kephia ingqalasizinda esilungisiwe kulokhu ibhekelele ikakhulu ukuba kulethelwe abantu amanzi okuphuza, ukuphuzisa imfuyo kanye nokunisela ukudla.

“Uma-ke kungase kube nemililo,

ngempela kuyoba nzima ukuyilawula, kakhulu manje kulesiskhathi sokuntuleka kwamanzi.

Ngakho sihlaba ikhwelo kakhulu kubantu bakithi ukuba siqaphele kakhulu kungabhebhetheki imililo,” kusho uDube-Ncube.

Izinto ezimele kuqashelwa: Musa

ukulahla isinqamu sikagwayi

isinomakanjani.

Qiniseka ukuthi isinqamu sicimile bese futhi usilahlha esitsheni esifanele hhayi esidlalgalalen iapho singokhela khona umlilo.

Asipheze ukubasa imililo evulekile emagcekeni, ngoba kusengenzeka kuqhashe inhlansi iphephuke iye esikhotheni bese kusuka ilindashoba lomlilo.

Akumele nhlobo sibabele eduze

kwamakhaya kulesiskhathi ngoba ngenxa yokoma kotshani kusengenzeka umlilo uhlubuke ungalawuleki.

Kulokhu-ke kumele sibambisane sonke siyisizwe, ngoba oyedwa ongabasa umlilo angabeka imizi eminingi engozini ngenxa yokuthi sizobe thina sonke singababelile eduze kwamakhaya ethu ngenxa yokwesabela ukuhlutshukwa ngumlilo.

Kuncono ke sithi sonke sishaya ngonyawo olulodwa, imililo evulekile ayiphenjwa nhlobo-nhlobo. Ungqongqoshe uphethe ngokuthi amakhosi nezinduna sekukhulunyiswe nabo kanye namaphoyisa namakhansela, ukuba umuntu oyotholakala edala umlilo abhekane nengalo

yomthetho.

*Nokho, uDube-Ncube udalule ukuthi izikhungo zokubhekana nezinhlakelele sezisatshalaliswe isifundazwe sonke, njengoba isikhungo esinobuchwepheshes obusezingeni lomhlaba sesifundazwe sonkana sesiphothuliswe eMkhondeni. Izikhungo sezakhiwe futhi ezifundeni uGu, iLembe, uMkhanyakude, iTheku, kanti umnyango uphezu komsebenzi wokulekelelana nemikhandlu yase Amajuba, uThukela nase Mzinyathi ukuba nakhona lezizikhungo ziphothulwe ukuze imiphakathi yesifundazwe iphile ngaphansi kwezimo zokuphepha ezimweni zezinhlakelele.



“Siyazibonga izinselelo ezikhona ngendlela okulethwa ngayo intuthuko kanye nangendlela izwe elibuska ngakhona.

OMASIPALA BAZOXHASWA NGO R3,4 BILLION UKUTHUTHUKISA INGQALASIZINDA

Njengoba sithi sifuna omasipala bethu babe yizizinda zomnotho, kubalulekile ukuthi sibalekelele ekutheni kube nengqalasizinda ephusile, nezosiza ukuheha abatshali-zimali.

MSAWAKHE MAYISELA & VERNON MCHUNU

Nakuba isifundazwe saKwaZulu-Natali, njengalononke izwe laseNingizimu Afrika, sibhekene nengcindezi ezimalini ngenxa yesimo somnotho esintengantengayo emhlabeni wonke jikelele, kepha uhulumeni okhethwe ngabantu kusukela ngonyaka ka 1994 uzozama ukuqhamuka namasu ukuze ukulethwa kwezidingo-ngqangeni kungaphazamiseki nhlobo.

Lawa ngamazwi kaNgqongqoshe wezokuBusa ngokuBambisana neZindaba Zomdabu KwaZulu-Natali, umhonishwa uNomusa Dube-Ncube, awasho ngesikhathi ethula imali engu R3,4 billion, nathe izobhekelela ukulethwa kwengqalasizinda yokuletha

izidingo kwizakhamizi zesifundazwe. Lesisamba, esikhishwa ngaphansi kwesikhwama sokuthuthukisa kwenqalasizinda komasipala, i-Municipal Infrastructure Grant (MIG), sizolekelela omasipala abantu 54 esifundazweni ukuba baphothule amaphroekthi abalelwu ku 3000 nokuhloswe ngawo ukuphuthumisa izidingo okubalwa kuzona ezamanzi, ukuthuthwa kwendle, imigwaqo kanye nezinye izinsiza ezahlukahlukene emiphakathini. U-Dube-Ncube uzilethe lezindaba ezimnandi ngesikhathi ethula inkulomo yesabelo sezimali somnyango wakhe ngoLwesihiyan olwedlule, esishayamthetho eMgungundlovu.

"Njengoba sithi sifuna omasipala bethu babe yizizinda zomnotho, kubalulekile ukuthi sibalekelele ekutheni kube nengqalasizinda ephusile, nezosiza ukuheha abatshali-zimali.

Ngoba iqiniso lithi, abatshali zimali angeke batshale izimali endaweni ababonayo ukuthi ingqalasizinda ekhona izobenza basebenzele emumva," kuchaze ungqongqoshe.

Lemali yabiwa nje, osekuvelite ukuthi iKwaZulu-Natali iyisifundazwe esesivele njengesinomasipala asebeyisebenzisa ngezinga elingcono kunakuqali imali abaxhaswa ngayo ukuthuthukisa ingqalasizinda. Kanti nemiphumela yokusetshenziswa kwalemali

ifakazelwa yizibalo ezikhombisa ukwenyuka kwezinga labantu asebethola izidingo-ngqangi, kanjenja:

Sebebalelwu ku 87% abantu asebephaza amanzi ahlanzekile esifundazweni. Ngonyaka ka 2011, ngokwezibalo ze Census, bebengu 80.47% abebethola amanzi. Mkhulu umsebenzi owenziwe ekuletheni ugesi kulaba ababengenawo njengoba beme ku 86% abantu asebenawo.

Ngonyaka ka 2011, bebengu 80.2% kuphela. Kulindeleke isibalo samakhaya akhanyiselwe sifike ku 90% ezinyangeni ezimbili ezizayo. Ngo June nonyaka isibalo sabantu asebebuyelwe yisithunzi kulandela ukuphuthunyisa kwezinhlelo zokuthuthwa kwendle sizobe

sesifinyelele ku 90%.

Ngo 2011, bebeseku 79.28% abantu abebenezindlu zangasese ezisesimweni. "Sigxile kakulu ezindaweni ezisemakhaya lapho khona abantu bakithi okwakuyiphupho ukuthi bayoke babe nogesi, amanzi ahlanzekile ngokunjalo nezindlu zangasese. Sifuna ukuthi nabo babe nezizathu zokugubha iminyaka engu 22 selokhu elakuleli labuswa ngentando yeningi.

Sithi senza konke okusemandleni ukuthi isivinini sisikhuphula mihla lena. Phela lapha sikhuluma ngabantu ohulumeni bangaphambilini ababengazi nokuthi ikhona imiphakathi efana nalena," kugcizelela uDube-Ncube.

Umphakathi waKwaZulu-Natal uzimisele ukubamba iqhaza elizwakalayo nakulolukhetho

VERNON MCHUNU

Ibukeka ilokhu idlondlobale njalo intshisekelo kubantu yokuvota, iningi lalabo okuxoxiswane nabo lizwakalise ukuthi nakuba zikhona izinselelo ezweni nasesifundazweni, kepha ukungavoti akuyona indlela ngoba lokho kuyobuyisela inhlalo kwiGibhithe abangafisi nokuphinde balibone ezimpilweni zabo.

Lokhu kuvele ngesikhathi uNgqongqoshe wezokuBusa ngokuBambisana neZindaba Zomdabu KwaZulu-Natali, umhonishwa uNomusa Dube-Ncube, ehambele izingxene yezesifundazwe ezahlukahlukene, nalapho ebeyokhumbuza aphinde akhuthaze izakhamizi mayelana nokubaluleka kokubhalisela ukuvota.

"Siyazibonga izinselelo ezikhona ngendlela okulethwa ngayo intuthuko kanye nangendlela izwe elibuseka ngakhona. Kodwa mina sengimdalwa ngingaka nje, akungethusi ukubona lezinzilelo. Vele phela uma wakha indlu, kuyenzeka ukuba kube khona izingqinamba ezihlala zivele.

Kodwa lezo zinselelo azisho ukuthi sekumele uvele uyeke ukuphuthuka wakhe indlu yakho," lawa ngamazwi ka Mnuz Siphosonke Ntshangase, othesi usereminyaka engu 83 edla anhlamvana, lapho ebephendula ngesikhathi lenthatheli ebihambisana nongqongqoshe imbuza ukuthi lithini elakhe njengoba ungqongqoshe uDube-Ncube emkhuthaza mayelana nelungelo lapho lokuva. "Mina bese ngikhulile ngesikhathi izwe lisaphethwe wumbuso wobandlululo.

Nakuba bengisemncane ngesikhathi sombuso wamakoloni, kodwa nakhona niyazi ukuthi izwe beliphethwe kanjani futhi niyazi



ukuthi yikuphi ebesikuthola nebesincishwe khona singabantu abamnyama," kuqhuba yena.

"Ukusuka kwempi yasesaNdlwana nje kwenzeke ngesikhathi izwe libuswa ngubukoloni; impi kaBhambatha ibambane ngesikhathi sabo futhi ubukoloni.

Kuzona zombili lezizigameko, kanye nezinye eziningi, thina bantu abamnyama besiske sihlukumezekile ngenxa yokucindezelwa, sithathelwa imfuyo nomhlaba ngodli futhi siphooqa ukuba siyoba yizincelebana zabamhlophe. Angisayiphathi-ke eyombuso wobandlululo. Phela lapho sivele sakunyulwa sahamba ngesudu yesele, semuncwa amalungelo

ethu njengabantu. Manje uzothi kimi sekumele ngibhidlize umsebenzi omuhle kangaka osuqaliwe kusukela kufike inkululeko, ngokuthi ngingavoti ngyekelie abacindezelie bazivotele bodwa – ngenxa nje yezinselelo vele okulindelekile ukuba zibe khona. Phinde, uqambe ushilo, okhethweni yilapho siya khona.

Asikho esindlebende kwabo bakwethu," kugcizelela umfo waseMgazini, ukuthi ubhalisile yena nomdeni wakhe eMbumbulu futhi uzovota ngomhla zintathu kuNcwaba njengoba uMongameli esememezelile lolosuku njengosuku lokhetho lophulumeni basekhaya. UDube-Ncube ubehambele izingxene eziningi KwaZulu-Natali

ngempelasonto ka 9 no 10 ku Ephreli ebingeyokugcina esemthethweni lapho khona ithuba lokuba abantu bakwazi ukubhalisela ukuvota belivulelw kakhulu ngokuthi kuvulwe izikhungo zokuvota eziseduze nalapho abantu bakhe khona ukuba babhalise.

Kepha, ungqongqoshe ubo esegcizelela ukuthi uma umuntu engalitholanga ithuba nakulempelasonto, usengakwazi ukuzihambela ayobhalisa ezikhungweni zakwabekhomishana ebhekelele ukhetho (IEC) noma ngabe yingaluphi usuku phakathi nesonto.

Intu ayiqhakambisile uDube-Ncube kube wukuphoqeleka, ngokwesinqumo sakamumva

soMthethosisekelo, kokuba lapho ubhalisa uphathe ubufakazi bokuthi uhlala kuphi, nathe lobobufakazi kungaba yincwadi yekhansela lendawo, noma isitatinende sokulethwa kwezidingo esikhombisa ukuthi uhlala kuphi.

Nokho uma ungenakho lokhu okungenhla, ungakwazi ukuba ufiye esikhungweni uchaze ngokucacile ukuthi wakhe eduze kwasiphi isakhiwo esiqqamile, nokungaba ngesenziwe ngumuntu, njengesikole, yiholo, yisonto noma yisitolo, okukanye kube yisakhiwo sikaNkulunkulu esifana nentaba noma ngumfula noma "itshe likagogo", njalo-njalo.

OWEZOKUTHUTHUKISWA KOMPHAKATHI UBHEKENE NGQO NENSELELO YOKUBHEKELELA IZINGANE NEMINDENI

Ziningi izingane esizixhasayo ukuba zibe sezinkulisa kulesi siFundazwe, kanti sizoqhubeka nokukwenza lokhu kulonyaka wezimali.

NOCKY SIBISI

Nakuba kunezinselelo ekutheni usizo lufinyelele ezinganeni, uMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi uqhubeleka phambili nomsebenzi wokunakekela futhi kuthuthukiswe izimpilo zezingane ezintulayo, eziyizintandane, kanye nezingenabani.

Ekhuluma eShayamthetho saKwaZulu-Natali ngenkathi ethula isabelozimali seminyaka ka 2016/2017 muva nje, uNgqongqoshe walomNyango, uNkosikazi Weziwe Thusi, uthe:

"Sesibe nemikhankaso yokuqwashisa kuzo zonke izifunda, lapho besibhekene nesihlava sokuhlukunyezwa kwabantwana, ukunganakwa kanye nokusetshenziswa kwazo ngendlela engeyyiyo.

Lokhu kumbandakanya ukuhlonishwa kweChid Protection Week.

"Ukunakekelwa kwezingane ezingenabani kuseseqhulwini lezinto ezbialulekile esiqhubeka nazo. Sesije sabuyekeza indlela esisebenza ngayo, futhi saqequesha abasebenzi bethu ngokusebenza kwezibonelelo ngendlela ewubuchwepheshe eyaziwa nge Electronic Forster Care Monitoring System, ukuze senze ngcono indlela esibhekana ngayo nalomsebenzi.

"Ngokusebenzisana nabakwaSassa, uMnyango wezobuLungiswa nokuThuthukiswa

koMthethosisekelo, owezaseKhaya, kanye nezinhlangano ezizimele, inani labantwana abangazitholi izibonelelo zikaHulumeni selehlile.

"Onyakeni wezimali ka 2016/17, sizoqwenza izincomo eziqhamuka ebhukwini elibhekene nalokhu elaziwa nge-Guidelines for the Effective Management of Statutory Services of Foster Care in South Africa, kanye naleli okuthiwa yi-Information Guide on the Management of Statutory Services.

"UMnyango usebenzisana nezinhlaka ezahlukahlkunene ukwenza isiqinisekiso sokuthi umsebenzi wezinkulisa uqhubeleka phambili.

Enye yalezi zinhlaka yaziwa nge- Provincial Integrated ECD Committee, ehlanganisa iMinyango ebhekene nokuthuthukisa izimpilo zabantu kanye nenhlangano okuthiwa yi-llifa Labantwana.

"Siyasebenzisana futhi nenhlangano ezizimele eyaziwa ngokuthi Abahambi, yona esiza ama izinkulisa ezisesiFundeni saseMzinyathi.

'Sesakhe ubudlelwano ne-Assupol ukuze sithuthukise izakhiwo komasipala baseNquthu naseMsinga.

"Ziningi izingane esizixhasayo ukuba zibe sezinkulisa kulesi siFundazwe, kanti sizoqhubeka nokukwenza lokhu kulonyaka wezimali.

"Sizozisebenzisa futhi izakhiwo zezikulisa kanye nezinye izakhiwo zethu esizakhele umphakathi



ukuba sibhekane nenselelo yesomiso.

"Siyaqhubeka nokunakekela abantwana emiphakathini abaqhamuka kuyona ngaphansi kohlelo olwaziwa ngokuthi Isibindi Model ngokubambisana ne-National Association of Child and Youth Workers (NACCW).

"Isibindi Model iyona equequesha abasebenzi ababhekekela izingane nentsha entulayo, ukubavikela nokubaqequesha ukuba banike usizo izingane ezashiywa dengwane kanye neminden

entulayo emiphakathini.

"Isibindi Model yaqalwa uNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi ezingeni likazwelonke, uNkosazana Bathabile Dlamini, ukuze kubekwanwe nezinselelo ezilethwa yigciwane lesandulela nculaza kanye nengculaza, nezinye izinselelo ezbhekene nezingane.

"Sesikwazile ukunakekela nokuxhasa izingane ezidinga usizo ezingango-30 000 emiphakathini. Sesinezindawo ezaziwa ngokuthi

Isibindi Safe Park Model lapho izingane zidlala zigadwe yizisebenzi zezingane nentsha ezaziwa ngama Children & Youth Care Workers ezisemiphakathini.

"Siyaqhubeka nokunakekela futhi sihlomulise izimilo zezingane ezizithola ziphambana nomthetho.

Sisebenzisana nezinhlangano eziyi-8 ezizimele ezisebenza umsebenzi wokulwiana nobugebengu kanye nosizo abaludingayo," kusho uNgqongqoshe uThusi.

Intsha, abesifazane nezisulu abasalanga ngaphandle kucazwa izimali

HLENGIWE BLOSE

INTSHA yabesifazane izohlomula kwisabelomali sonyaka wezimali seminyaka u2016 kuya ku2017, kusho uNgqongqoshe woMnyango wezokuThuthukisa umphakathi, uNkosikazi Weziwe Thusi, eShayamthetho saKwaZulu-Natali muva nje. Ubeke kanje: "Ngokusebenza ngokubambisana neHovisi likaNdunankulu, uMnyango usukwazile ukusungula isikhwama esibhekellele izinhlelo zokuvikela isandulela nculazi.

Lezi zinhlelo zibhekiswe kabantu abasakhula besifazane, abaphakathi kweminyaka engango-10 kuya eminyakeni engu-24. "Thina sihlose ukuthi abantu bakwazi ukuzimela siphinde siyiqhakambise iminden." kusho uNgqongqoshe uThusi. Sisungule isigungu esibizwa nge-Provincial Inter-Sectoral Forum, esigxile emindenini. "Lesi sigungu sididiyelwe yiminyango eyahlukene kaHulumeni nezinhlaka zezikhungo ezingenzi nzuzo, ama-NPO. Sikwazile ukuthinta iminden engaphezu kuka-20 000



ngezinhlelo eziqinisa iminden nezinhlelo ezigqquqzela ukuba ngabazali abaqotho. "Sikwazile nokuphinda sihlole ukusebenza kwe-Fatherhood Programme, okuwuhlelo oluqondene nokugquqzela ukuba ngobaba abangabazali abaqotho. Lezi zinhlelo zisabalaliswe eThekwini namaphethelo, eMkhanyakude kanye naseMajuba." Ezinye zezinhlelo ezenziwa minyaka yonke nezisazoqhubeka: ukugubha usuku Iwemdeni ngomhlaka- 15 kuNhlab 2016, ukuqiniswa kwemishado

okuzokwenziwa isonto ionke kusukela ngo-1 kuya ku-7 kuMandulo 2016, kanye nokugujwa kosuku Iwabantu besilisa umhlaba wonke okuzokwenziwa ngomhlaka 9 kuLwezi 2016.

UNgqongqoshe uthe: "Sisungule ama-Community Nutrition Development Centres (CNDCs), okuwuhlelo lokuphakela abantu ukudla noluxhaswe yihhovisi IoMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi kuZwelonke. "Lolu hlelo Iusiza imiphakathi ngokuya ethunjini, Iuthuthukise amakhono, luveze amathuba emisebenzi,

Iusimamise ezomnotho, futhi kuba nobudlelwano obuhle ezinhlakeni ezipana nemiphilandawonye." kusho uNgqongqoshe.

"Sisabambisene ne-Mthashana TVET College ukufeza lezi zinhlelo zokuthuthukiswa kwamakhono. Sisabambisene ne-Ikusasalethu Co-operative, ngokunkira uqequesha olufanele kabantu besifazane abanemboni (factory) eDundee yokuthunga amanyumfomu. Ngaphansi kwezinhlelo eziqondene nokusimamisa izisulu, uMnyango usungule izinhlelo zonyaka wonke eziqondana nokulwa nezihlava ezine okubalulwa: ingculazi nesandulela nculazi, ukukhulelwu kwezingane, udlame nokucwasa ngobulili, kanye nokusetshenziswa kwezidakamizwa. UMnyango uqequesha, abanye abasebenzi abangu-28 ezinhlanganweni ezingenzinzuso (NPO). Uqequesha abalunikeyiwe ngoluqondene nokushushumbiswa kwabantu."Kulesi sifunda saKwaZulu-Natali, uMnyango uphinde wakwazi ukuvula isakhiwo

esingukhukhulelangoqo (Global Command Centre), esizosiza abahlukunyezwa udlame nokucwaswa ngobulili.

"Kulonyaka wesabelomali sizosivula ngokusemthethweni, siphinde siqiniseke ukusebenza kwaso ngokusenza ngokubambisana neMinyango eyahlukene kaHulumeni, okubalulwa uMnyango wezeMpilo, uMnyango wezobuLungiswa, uMnyango wezokuHlumelelisa iziMilo, uMnyango wamaPhoyisa, kanye nezinhlaka zezinhlangano ezingenzinzuso." "Siphinde sahlola ukusebenza kwezikhungo ezbizwane-White Door Centre of Hope.

Locu sikwenze eThekwini namaphethelo, eHarry Gwala, eMkhanyakude, Ogwini, eMzinyathi naseLembeni. "Lezi zikhungo zibhekellele izisulu zodlame Iwasemakhaya nokucwaswa ngobulili. Kulonyaka sizosabalalisa lezi zikhungo nakwezinye izifunda," kusho uNgqongqoshe uThusi.

UMNYANGO WEZOBUCIKO NAMASIKO UTUSA UMDLALO OXWAYISA NGE-WHOONGA

“Lo mdlalo ungabukwa wumndeni wonke ngoba awunazo iziwombe zokuhambaz e nokugila imikhuba yabantu abadala” kuchaza uMnu Shozi.

STHEMBISO SHANGASE

sikhungo sezobuciko esingaphansi koMnyango Wezobuciko Namasko kulesi siFundazwe i-Playhouse eThekwini sizokhombisa ngomdlalo weshashalazi oxwayisa ngombulalazwe isidakamizwa i-whoonga esidla lubi entsheni.

UMnyango Wezobuciko namasko uthi kusezandleni zamaciko ukukhuluma ngezinkinga ezikhungethe isizwe okubalwa nayo le woonga.

Kulezi zinsuku kusanda kushona inqwaba yezingane kwathi ezinye zagcwala ezbihedlala eNanda, eMlazi eThekwini naseMgungundlovu emva kokugwinya isidakamizwa esaziwa ngokuthi uQo, Umgwinyo noma nge-Mercedes.

UMnyango Wezobuciko Namasko uthi amaciko asemancane angaphansi kwenhlangano engenzi inzuko iMvuzo Family of Arts yaseLovu eNingizimu yeTheku, yiwona angawudlulisa kangcono lo myalezo wokukhuza ontanga ngoba bakhuluma ezingeni elilinganayo nalabo abacwile kulo mbulalalazwe.

INhloko yoMnyango uNkk Sibongile Nzimande uthi yinhlle into eyenziwa iMvuzo Family of Arts yokuqoqa intsha bayifake kwezokulingisa.

“Siyayincoma le ntsha ehlanganise lo mdlalo, ngakho-ke abantu abaphume ngobuningi babo bayobuka lo mdlalo”.

UNkk Nzimande uthi bayayese ka kakhulu imizamo abazenzela yona laba bantu abasha abangazange balinda ukuthi bayoze bacelwe wuMnyango ukuthi benze into ethile yobuciko kodwa bazisukumele bona kuqala.

“Nangesikhathi kusabhoke ubandlululo kuleli lizwe amaciko emkhakheni wezokulingisa aphumela obala alwisan a nokucwaswa kwabantu abamnyama kwaze kwaba Iuyanqotshwa ubandlululo” kuchaza uNkk Nzimande.

Umbhalo walo mdlalo uMnu Mphathi Shozi uthi ngonyaka odlule lo mdlalo weshashalazi wadlala izinsuku ezintathu e-Catalina Theatre eThekwini kanti ngoNcwaba walo nyaka uzobe ukhonjiswa bukhoma e-



Abalingisi bomdlalo weshashalazi iThe Wedding ozoba sePlayhouse ngoAgasti. Izithombe: ZZIPHO NKONZO

Playhouse okuyisikhungo esingaphansi koMnyango Wezobuciko Namasko.

“Ziyisikhombisa izikole eseziqinisekisile ukuthi zizoza zizowubuka lo mdlalo kodwa sisope ukuthola izikole ezilinganiselwa emashumini amabili. Uzoqala ukukhonjiswa kusukela ngomhlaka zingama- 23

kuya zingama- 27 kuNcwaba”, kuchaza uShozi.

Lo mdlalo weshashalazi uphinde ubo nokuhaywa kwezinkondlo nokucula ngamaphimbo kuphela kanti ugxile kumfana owafundela ukuba ummeli maqede waqala ukubhema insangu kanti bazomphambanisela kuyona bamfalele i-Whoonga waze

walahlekelwa umsebenzi. Phakathi kwamaciko alingisa kulo mdlalo kukhona asuka eThekwini namaphethelo kanti kukhona naqhamuka eMgungundlovu.

“Lo mdlalo ungabukwa wumndeni wonke ngoba awunazo iziwombe zokuhambaz e nokugila imikhuba yabantu abadala” kuchaza uMnu Shozi.

Uyadlondlobala umbhidlango kahulumeni wokwenza ngcono indlela osebenza ngayo emiphakathini

SIMPHIWE MKHIZE

UHULUMENI waKwaZulu-Natali usuqale umkhankaso wokubuyisa isithunzi sikaHulumeni ngokulwa nokungathembeki nokukhwabanisa okwenzekayo eMnyangweni eyahlukahlukene. Ihovisi likaNdunankulu, ngokubambisana noMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi ngokubambisana nesiFunda Ugu, kanye nomasipala wase-Hibiscus, baqale umkhankaso owaziwa ngokuthi yi “I do right campaign”, eegqquqzelia izisebenzi zikaHulumeni kuwo wonke amazinga ukuba zenze okufanele emsebenzini wazo, zingezi, zingakhwabanisi noma ngabe kuthiwa akekho ogadile.

Ekhulumo esiShayamthetho saKwaZulu-Natali ngenkathi ethula isabelomali soMnyango wakhe sonyaka wezimali ka-2016-2017, uNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi, uNkosikazi Weziwe Thusi, obuye abe nguShampeni kuUgu Distrcit,

uthe: “Kuyinto embi ukuthi kukhona izisebenzi zoMnyango ezidudene namalunga omphakathi ekwenzeni inkohlakalo ekusetshenzisweni kwemali kaHulumeni ebhekene nezintandane nezingane ezingenabani. “NgoSepthemba 2015 ngethula ngokusemtethweni inqubo-mgomo mayelana nokusethenziswa kwemali kaHulumeni ngendlela okungeyiyo, eyaziwa nge-Fraud Prevention Strategy, inhloso yayo okuukuqhakambisa nokugquqzelia ukusebenzela uHulumeni ngendlela efanele.

“LoMnyango usuthole ukutuswa ngokwenza lokhu, kanti eminye iMnyango kaHulumeni isinxusiwe ukuthi nayo ikwenze lokhu. “Yingakho sibambisene nehhovisi likaNdunankulu ukwethula i-“I do right campaign.”

“Sikwenza konke loku ngoba sizibophezele ukwenza ngcono umsebenzi esiwuthunyiwe. Lokhu kubonakele futhi ngenkathi

uMnyango uthatha izindondo zegolide, neyesiliva kanye ne-bronze kuma-Premier's Service Excellence Awards Ceremony ngonyaka ka-2015.

LoMnyango uphinde wamela isiFundazwe kwi-2015 National Service Excellence Awards, lapho sithole khona ama-Silver Awards.

“Sesenze izinto ezintathu ukwenza ngcono indlela esifinyelela ngayo kubantu nosizo. Okokuqala ukuba sikhiphe izisebenzi zezenhlalakahle ezizoya emiphakathini ngokwewadi newadi. “Okwesibili ukwakha amathimba aziwa ngama-Trauma Response Teams, okukhona kuwo oSonhlalakahle abazobhekana nezimo ezamazonzo.

Yibona okubhekeke ukuba bafike kuqala lapho kukhona isigigaba esesibikiwe. Okwesithathu ukwakhiwa kwe-Call Centre lapho imiphakathi izokwazi ukuthola khona ukusizakala. “Ukwenza ngcono umsebenzi esiwenzayo,

kunesamba esingango R172 million esizobhekana nokuthuthukiswa kwezindawo esisebenzela kuzona ezizinze emiphakathini kulesi siFundazwe. Lokhu kubandakanya izakhiwo ezintsha ezizinze emiphakathini la kusebenzela khona abasebenzi boMnyango, ukuqasha amahhovisi okusebenzela, ukulungiswa nokugcinwa kwezindawo zokusebenza ezikhona, kanye nokucazulula inselelo yokuminyana kwezisebenzi emahhovisini oMnyango. “UMnyango usuthathe izinyathelo eziqala ukwenza ngcono indlela okhipha ngayo izimali kanye nezidindo

zezinhlango ezizimele ezaziwa ngama-NPO ngokuqhamuka nesixazululo esibizwa nge ‘Rationalisation of NPO Services and Transfer Payments.’

“UMnyango usuwakhe izinhlaka zezinhlango ezizimele ezaziwa ngama NPO Forums lapho uMnyango uhlangana khona nalezi

zinhlango ukudingida ngokusebenza kwazo okusemhethweni nezinselelo ezibhekana nazo. UMnyango usukwazile ukusiza izinhlango ezizimele ezingu-2 000 ngokulandela i-NPO Act, ka 1997.

“Ngokubambisana noMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi ezingeni likazwelone, siyahbekwa nokuvakashela imiphakathi ezingeni lomasipala ukuze kusizakale ama-NPO akuthola kunzima ukuhambisana ne-NPO Act ka 1997.

“Ezinye zezinto esifisa ukukwazi ukuzenza onyakeni wezimali ka 2016/17, ukwakhiwa kwama NPO Help Desk emahhovisi oMnyango komasipala abahlukahlukene. Inhloso yalesi sakhiwo ukwenza ngcono ukuthi izinhlango ezizimele zikwazi ukuthola usizo,” kusho UNggongqoshe uThusi. Inkohlakalo ungayibika kulenombolo: 0800 596 596.

I DO RIGHT
EVEN WHEN NOBODY IS WATCHING

ANTI-CORRUPTION HOTLINE -
0800 596 596

KWAZULU-NATAL IS GROWING, DEVELOPING AND CARING!

OWEZOKUTHUTHUKISWA KOMPHAKATHI WETHULE ISABELOMALI ESIBHEKELELA IZAGUGA NABAKHUBAZEKILE

Sisamile esinqumweni sethu sokubhekelela kakhulu leyo minden ehlwempu nehlukumezekayo. Minyaka yonke sibeka phambili ukuqwashisa ngamalungelo alabo abahlukunyezwayo

NOMTHI NDELU

Uphinde wakubeka eqhulwini ukunakekelwa kwezaguga kanye nabakhubazekile uNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi, uNkosikazi Weziwe Thusi, enkulumweni yakhe yesabelozimali saloMnyango sonyaka ka 2016/2017, esishayamthetho sesiFundazwe saKwaZulu-Natali eMgungundlovu muva nje. UNgqongqoshe uThusi uthet uMnyango wakhe uthole imali engango-R2.778 billion kulesabelozimali, kanti lemali izohlukaniselwa ezeNhlakalahle ezosebenzisa imali engango-R680.2 million, kanti isamba esibhekelela iminden nezingane singango-R1.1 billion. Uthe ezokuhlunyelisa kwezimilo (Restorative Services) zona zisebenzise imali engango-R286.9 million, Ezentuthuko noCwaningo (Development and Research) zona zisebenzise imali engango-R227.1 million, kuthi ezokulawulwa komsebenzi woMnyango, i-Administration, yona isebezise imali engango-R507.9 million.

Uthe zizohlomula izinhlangano ezingenzinzu (NPOs) ezinakekela abantu abadala nabakhubazekile. UNgqongqoshe uThusi uhlale ekhuluma ngokubaluleka kokuba khona kwezhungo zokugcina abantu abadala, ikakhulukazi ngezikathhi zasemini emindenini lapho amany amalunga omndeni esuke esaye

emisebenzini nasezikoleni. Sekuvamile ukuthi abantu abadala besifazane babe yizisulu zezigilamkhuba uma besele emakhaya bodwana. Yingakho uNgqongqoshe uThusi egquqquzelu ukuba khona kwezhungo zokuhlanganyela kwabantu abadala (amaluncheon clubs) la bethola khona okuya ngasethunjini, bazivocavoce, benze nemisebenzi yamakhono yezandla, bachithisane nesizungu.

UNgqongqoshe uthet: "Sisamile esinqumweni sethu sokubhekelela kakhulu leyo minden ehlwempu nehlukumezekayo. Minyaka yonke sibeka phambili ukuqwashisa ngamalungelo alabo abahlukunyezwayo, okuhlanganisa iminden ephethwe abantu abadala, abesifazane, izingane, intsha, abakhubazekile kanye nalabo abahaqwe yigciwane lesandulela nculaza kanye nengculazi uqobo. "Sizimisele ukuqhubeka sandise izikhungo zokugcina abantu abadala. Ngonyaka odlule ngabika kulendlu yesiShayamthetho ukuthi ngizonika ngokusemthethweni isikhungo sokugcina abantu abadala lapho bezokwenza khona nemisebenzi yezandla. Kuyangijabulisa ukubika namuhla ukuthi lesi sikhungo sanikezelwa kubantu bakwaSwayimane ngaphansi kukaMasipala uMshwathi ngo July 2015. "UMnyango usuqale umkhankaso lapho osoNhlakalahle, nabasizi babo,



UMnyango wethule inqwaba yezinhlalo zokunakekela izaguga.

abaziwa ngama-Community Care Givers, abasebenza ezigcemeni, bezonikeza usizo emindenini lapho abantu abadala behlala bodwa ngaphandle kwababheki uma kunesidiso. "Sikuthokozela kakhulu ukusebenzisana nezinhlangano ezingenzinzu nezisiza abantu abadala, futhi sizoghubeka nokubaxhasa kulonyaka wezimali ka 2016/2017, kanti sizoqinisa umkhankaso wethu we-Older Persons Electronic Register ukusiza abadala kanye nokulandela izigameko zokuhlukunyezwa kwabo," kusho uNgqongqoshe uThusi.

Ekhuluma ngezinhlalo zabakhubazekile, unNgqongqoshe uThusi uthet: "Sibungaze okokuqala

ngqa usuku lokuqwashisa ngokuhlunyelwa kwabantu abanebala elimhlophe, phecelezi Albinism Awareness Day, ngo mhlaka 13 June 2015, eMandeni. "Lokhu kwensiwe kulandela umlayelo wenhlangano yeziwe eyaziwa nge-United Nations (UN), wokuthi kugujwe lolu suku minyaka yonke. Ngonyaka odlule ngicizelele kakhulu uhlelo lokuthi kugxilwe futhi kwesekelwe imindenihlala nabantu abakhubazekile.

"E-Chesterville ngaphansi kukaMasipala weTheku kusanda kuba khona umhlangano nezinhlaka ezimele abakhubazekile ukuhlelela ingqungquthela yabakhubazekile, okuhlelwe ukuthi ibe kulonyaka

wezimali. "Lomhlangano wawuhanjelwe yiminyango eyahlukene kaHulumeni, okubalwa kuyo owezeMpilo, owezeMisebenzi, owezeBuholi boMdabu, owezeZindlu kanye nezinye izinhlaka zikaHulumeni, okubalwa kuzo isakhiwo saloMnyango esaziwa nge-South African Social Security Agency (SASSA), kanye ne-Road Accident Fund (RAF). Kulonyaka wezimali kuzoqeleshwa abasebenzi abangamakhulu amabili nanhlanu (250), ukuthi bakwazi ukukhuluma ngezandla, phecelezi (sign language), kuso sonke isiFundazwe.

Umnyango wezempiro unxusa umphakathi ukuba uhlolele izifo ukuze uphile kahle, nakade

INgungquthela yeSifo seNgculazi yamazwe ngamazwe ezobanjelwa eThekwini ngo-Julayi izonika isiFundazwe saKwaZulu-Natali iSifundithuba elihle lokuthekela ulwazi kanye nokuqhakambisa ibanga esesilihambile ekulweni nokubhebhethuka kwegciwane lesandulela-nculazi.

Ngokusho kweNhlangano Yezempilo Yamazwe omhlabo, emazweni awu-22 ahamba phambili ekukhahlanyezweni yiSifo Sofuba, iNingizimu Afrika iyilizwe lesikhombisa.

Nakuba kunjalo, iSifundazwe sethu siqhuba kahle ngasohlangothini lokukhipha imishanguzo yokwelawula i-HIV, i-Comprehensive Care Management and Treatment (CCMT), njengaloku ukuhlinzekwa komphakathi ngemishanguzo sekuqalwa uma i-CD4 yomuntu isifinylele kuma-500. Kanti embhidlangweni wokulwa nesifo sengculazi uMnyango wezempilo ukwazile ukwethula imikhankaso eyahlukene okubandakwanya kuyo i-(Dual protection), okuwukuzivikela okumbaxambil. i-Dual Protection ikhuthaza

ukuhlela umndeni, ukusokwa kwabesilisa ezikhungweni zezempiro kanye nokuthi intsha ihlale isebezisa amakhondomu ngaso sonke isikhathu uma kuyiwa ocansini.

Zombili lezi zindlela zihlangene zisiza kakhulu ekunqandeni ukutheleleka ngeSandulelangculazi, izifo ezithathelana ngokocansi kanye nokukhulela okungahleleli. Imikhankaso yethu yokuqwashisa ibuye yathasiselwa nangeziNgqwembe Zokukhangisa ezinkulukazi (Billboards) ezingama-63 esizethule ngokusemthethweni esifundazweni sonkana.

Siphinde sibe nohlelo olwaziwa ngokuthi i-Nurse Initiated Management of Anti-Retroviral Treatment (NIMART), lapho abahlengikazi kuba yibo abahlinzeka umphakathi ngemishanguzo yokuthithibalisa Isandulelangculazi.

Phambilini, lomsebenzi ubuwenziwa wodokotela kuphela, ekanti lokhu bekwenza singakwazi ukufinylele esibalweni esiphezelu sabantu abadinga lemishanguzo. Kusukela ngonyaka wezi-2010,

uMnyango usunabhahlengikazi abayi- 1 578 abaqeqeshelwe i-NIMART, kanti abayi-150 babo baqeqeshelwe ukuba ngabeluleki balaba abanye abahlengikazi. Laba bahlengikazi abaqeqeshiwe bandisa kodokotela abayi- 155 asebephothule izifundo ze-Diploma in HIV and AIDS Management.

Kodwa-ke imizamo yethu yokulwa naleli gciwane ngeke iphumelele uma sishiya ngaphandle isifo sofuba, esincikene kakhulu nalo. Imiphumela yokwelashwa kweSifo Sofuba seytshengisa ukuba ngcono kakhulu kule minyaka edlule.

Izinga lokwelashwa ngempumelelo kwe-TB lenyukile lisuka kuma-55% ngowezi-2005 laba ngama-86.3% ngowezi-2015. Okuletha ingcindezi kakhulu ngukuthi iSifundazwe sakithi sinezinga eliphezulu labantu abatheleleka ngako kokubili, i-TB ne-HIV, okungama- 65%.

UMnyango ukuhlomele ukubhekana nale nselelo, ngalezi zindlela:

- Ukwethulwa kohlelo olusha

lokusethenziswa kwemishini ebizwa ngama-Gene Xpert. Emhlabeni jikelele yileli lizwe lethu elinalolu hlobo lwemishini eminingi, isiyonke ingama- 289, kanti engama-90 yayo isatshalaliswe kuzona zonke izifunda zaKwaZulu-Natali. Le mishini iwsizo kakhulu ekuhlonzeni ngokushesha i-TB kanye ne MDR-TB, okwenza kube lula ukuba umuntu aqale ukwelashwa esikhathini esingamahora angama-24 kuya kwangama-48 emva kuhlonzwa kwalessifo.

- Sinabahlengikazi abangama-40 abaqeqeshwe yi-John Hopkins University ukuze bakwazi ukunikekela uhlelo lokwelapha i-MDR-TB ezigulini esifundazweni sonkana.
- Ngenhlosa yokuqinisekisa ukuthi abantu baphuza amaphilisi isikhathu esimisiwe, sinaMathimba angama-98 ahamba ezulazula efuna labo abayeka ukudla imishanguzo ye-TB noma ye-HIV kungafanele.

Umsebenzi wawo ukuvakashla iminden ukuze ahlinzeke ngosizo lokweseka nokuqapha ngqo ukuthi imishanguzo iphuzwa ngendlela efanele, ikakhulukazi kulezo ziguli

ezine-TB engasazweli emaphilisini ajwayelekile, okufanele ziyiphuze izinyanga ezingama-24 kuya kwezingama-36.

- Sihlonze izindawo lapho kudlangen khona i-TB emiphakathini; emajele; emahostela; ezindaweni lapho abashayeli bamaloli bephumula khona(Truck Stops) nasezimayini zamalahle.

Ngokusebenzisana nababambiqhaza abahlukahlkene kanye nezinye izinhlaka siye saqala ngenkulu impumelelo izinhlelo ezigxile kulezi zindawo.

Sifisa ukuxnusa amalungu omphakathi ukuba ahlanganye nathi ekulweni nomthamo wezif kulesi siFundazwe.

Lokhu ungakwenza ngokuthi uye emtholampilo oseduze nawe ukuyohlolela izifo ezithathelanayo ezifana ne-TB ne-HIV, nezingathathelani, njengesikashukela nomdlavuza nesomfutho ophezelu.

Uma izifo zishesha ukutholakala, kuba lula ukuzelapha noma ukuzilawula, ekanti lokhu konga nemali.

UZINZO NOKUBEKEZELELANA EMBONINI YAMATEKISI

Njengamanje akhona asebenzayo eMpangeni, eMnambithi nasePort Shepstone. Kukhona futhi esibheke ukulivula eJozini maduze nje.

SIBONELO MCHUNU

Sekube nomehluko obonakalayo embonini yezokuthuthwa komphakathi selokhu uMnyango wezokuThutha ngokubambisana neSouth African National Taxi Council (SANTACO) esifundazweni uqhubeke nezinhlelo zokungelela ngenhoso yokuletha uzinzo.

Osekube nesasasa muva nje wuhlelo uMnyango oqhamuke nalo lokuphucula ezokuphepha emarenki ngokuba uqashe izinkampani zonogada kuphinde kufakwe namakhamera amaCCTV akwazi ukupopho imininingwane yezmoto ezingenayo neziphumayo erenki.

Enkulumweni yesabelo mali esishayamthetho eMgungundlovu, uNgqongqoshe walo Mnyango uMnuz Willies Mchunu uthe lezi zinhlelo zokuphepha seziqalile eNewcastle nasePort Shepstone, kanti ziqhutshwa ngokubambisana nomasipala bala madolobha. "Enye indawo esibheke kuyo ngeyaKwaMaphumulo nayo elokhu idinga ukuba singenelele.

Nokho kuningi esesikwenzile

ukusebenza udaba Iwemibango phakathi kososeshini KwaDukuza naKwaMaphumulo mayela nemibango yemizila nezimvume zokusebenza," kusho uMchunu.

Njengengxene yokuqinisekisa ukuthi izinsiza zifinyelela eduze nalapho abantu bekhone, uMchunu uthe uMnyango wakhe uyaqhubeka nokusabalalisa amahhovisi amalayisensi okuthutha umphakathi njengoba phambilini bekunelilodwa eMgungundlovu.

"Njengamanje akhona asebenzayo eMpangeni, eMnambithi nasePort Shepstone. Kukhona futhi esibheke ukulivula eJozini maduze nje.

Kuyasijabulisa ukuthi la mahovisi asewehlisile umthwalo nengindezi ekukhishweni kwamalayisensi okuthutha umphakathi," kuqhubeka okaMacingwane

UMchunu uveze ukuthi uMnyango usuzokwenza ucwaningo oluzoqhathanisa izithuthi ezikhona nesidindo sazo ukuze kubo nesiqiniseko sokuthi ziyanzenza ibhizini elinenzozo.

Ngakolunye uhlangothi futhi



UMONGAMELI weSANTACO uMnuz Phillip Taaibosch, uMnuz Willies Mchunu ophathiswe ezokuThutha noMnuz Boy Zondi uSihlalo weSANTACO KwaZulu-Natal basemkhankasweni wokudala uzinzo embonini yamatekisi.

uMnyango ngokusebenzisana nemboni yamatekisi usuqalise ngohlelo lokucubungula izicelo zamalayisensi amasha ngendlela ezobhekelela kona ukuthi lezo zithuthi ezintsha zizolenza yini ibhizini elinenzozo.

Lokhu futhi kuzoqeda abasebenza ngokungekho emthethweni bese kuqedwa

nemibango yemizila.

"Masikuveze futhi ukuthi ngemuva kwesteleka sakamuva sabamatekisi kuphinde kwavela ukuthi inkinga ikubanikazi bezimoto abangazilandu izimvume zabo ngezizathu ezahlukene.

Ukulibaziseka kokusetshenzwa kwezicelo kubuye kudalwe ngukwehluleka kwabanikazi

ukuletha imininingwane edingeckayo, okuba nomthelela ekuthathweni kwestinqumo sokukhipha ilayisensi.

Kusuka ngo-2013 angu-7 305 amalayisensi akhishiwe, angu-3 995 ayasetshenzwa kanti angu-559 asekishiwe kodwa alinde abanikazi," kuchaza uMchunu.

Banikwe isiqiniseko sokubekwa phambili abasezindaweni zasemakhaya



ELINYE lamabhulohlo elakhiwe eNkandla njengoba uMnuz Willies Mchunu ebophezele ngokuthi uMnyango wakhe usazoqhubeka ubeki eqhulwini izindawo zasemakhaya kulo nyaka wezimali. Isithombe: SBU ZUNGU

NONHLANHLA NDWANDWE

IMIPHAKATHI yasemakhaya isithole isiqiniseko sokuthi nakule minyaka yezimali emithathu ezayo isazobekwa eqhulwini ngentuthuko yemigwaqo namabhulohlo ukuze ifinyelele kalula ezindaweni zosizo. Le miphakathi ithole lesi siqiniseko kuNgqongqoshe wezokuThutha uMnuz Willies Mchunu

enkulumweni yakhe yesabelo-mali sonyaka ka-2016/17 abeyethula esishayamthetho eMgungundlovu.

Ngokohlelo lokuthuthukisa izindawo zasemakhaya olwaziwa ngo-'Operation Kushunquthuli', uMchunu uthe uMnyango wakhe uzoqhubeka nokwakha amakhilomitha angu-230 emigwaqo yobhuqu emisha engenela ezakhiweni zemiphakathi. Ingu 7 billion imali efakwe kulolu hlelo. Uthe le imigwaqo izobe isingamakhilomitha angu-650 ngonyaka ka-2018/19.

Ngapezulu kwalokho, uthe kunamabhulohlo amasha ezinyawo angu-13 naysikhombisa ezimoto azokwakhiwa kulo nyaka wezimali, agcine esengu-60 ngonyaka ka-2018/19.

Kukhona nemigwaqo yobhuqu engamakhilomitha angu-74 ezofakwa itiyela kulo nyaka wezimali bese igcina ifinyelela ku-222 wamakhilomitha ngeminyaka yezimali emithathu. "Uguqko olulethwa yile misebenzi ezimpilweni zabantu lubonakala ngendlela ejabula ngayo

imiphakathi efana neyaseMsinga, eNkandla, KwaMaphumulo nakwezinye izindawo, okumanje isikwazi ukuhamba ngokuphepha uma iwele uThukela neminye imifula. "Le miphakathi ayisekho engozini yokuminza noma ukudiwa yizingwenya njengoba kunabafundi abanangi abebhale bebhekana nalesi simo. Nakuba sazi ukuthi liselikhulu igebe, kodwa kuyasijabulisa ukuthi sesiwenzile ngenkathi ethula isabelo mali sezokuThutha sika-R9.5 billion kuShayamthetho eMgungundlovu.

Abakhulelw abasakhathazeki ngempilo yabo nezingane ezingakazalwa ngoba i-ambulensi isifinyelele kalula endaweni," kuchaza uMchunu.

IKWAZULU-NATAL ISEYIKHAYA LETHEMBA NAMATHUBA – MCHUNU



UMSEBENZI osuwenziwe uMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal kule minyaka edlule uyakuqeda ukungabaza bese uqinisa ithembu negekusasa eliqhakazile lesi sifundazwe esibheke kulona.

Lona ngumbono kaNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnuz Willies Mchunu awuveze ngenkathi ethula isabelo mali sezokuThutha sika-R9.5 billion kuShayamthetho eMgungundlovu.

UMchunu ulinganise ngemisebenzi yengqalasizinda yomgwao wathi ibalelw ku-R36.3 billion imali uMnyango wakhe osuyifake kwingqalasizinda yomgwao nezokuthutha eminyakeni eyisikhombisa edlule

kusuka ku-2009 kuya ku-2015/16. Lokhu kuhlanganisa ukufaka itiyela emigwaqeni yobhuqu engamakhilomitha angu-500, ukuvuselela kabusha itiyela emigwaqeni engamakhilomitha angu-1 860, ukwakha imigwaqo yobhuqu emisha engamakhilomitha angu-1 700 namabhulohlo ezinyawo nawezimoto angaphezulu kwekhulu.

"Nakule minyaka yezimali emithathu ezayo ibalelw ku-R21.3 billion imali esizoyifaka ekwakheni imigwaqo yobhuqu emisha engamakhilomitha angu-650, amabhulohlo ezinyawo angu-39 namanye angu-21 ezimoto.

"Ngonyaka ka-2018/19, lo Hulumeni ngalo Mnyango, uzobe

usufake isamba sika-R57.6 billion ekwakhiwi kwenqalasizinda yezokuthutha ngenhoso yokulekelela uhlelo lwethu lokuthuthukisa ezenhhalo-mnotho eminyakeni eyishumi," kusho uMchunu.

Mayelana nokuthuthwa komphakathi, uMchunu uthe isifundazwe sesikwazile ukuxazulula izinkinga eziningi njengoba sekwakhiwe amarenki kanokusho adidiyele zonke izithuthi ezindaweni okubalwa Ulundi, iMondlo noMtshezi.

Uthe lezi zinhlelo kulindeleke ukuba ziqale nasePort Shepstone naKwaDukuza maduze.

SIPHEZU KWALO UDABA LWASEMAHOSTELA- MCHUNU

Kumanje nje sesijutshwe nguHulumeni njengomnyango ukuthi sisebenze namphoyisa ekutheni kuchitshiyelwe umthetho ukuze kuthi labo ababulala amaphoyisa bajeze kanzima," kusho uMchunu.

SINDISWA HLOPHE

UHulumeni waKwaZulu-Natal uphezu kohlelo lokuletha ukuthula noxolo emahostela akulesisifundwaze, okufaka phakathi iGlebe neKwaMashu, akhungethwe uthuthuva.

Njengamanje umyango weZokuphepha nokuXhunyaniswa koMphakathi usebenzisa ubuchule obuzuzwe ngenkathi kuxazululwa uthuthuva olwalukhungethe amahostel aseGoli labo kuhlala khona abantu abavela KwaZulu-Natal.

Loluthuthuva Iwaxazululwa ngempumelelo ohlelwani olwaluholwa ngamakhosi akulesisifundazwe futhi lubusise

yiSilo Samabandla.

Loluhlelo Iwalufaka phakathi uchungechunge Iwezinkundla zokubonisana nokugcina kube yimpumelelo enku. Ethula ibhajethi yonyaka ka-2016/17, uNgqongqoshe uMnuz Willies Mchunu, uthi izithunya zomnyango kumanje nje zimatasatasa eGlebe ngenjongo yokuthinta labo abalwayo ukuthi kuvuselele inkundla yokubonisana eyephazamiseka ngaphambili.

Kokunye loluhlelo Iuzoqhutshwa ngokubambisana namakhosi, ihhovisi likaNdunankulu, amaphoyisa kanye nomasipala weTheku.

UMchunu uvezele iphalamende ukuthi ngoJulayi odlule ube nomhlango oyimpumelelo neNdu yabaHoli boMdabu nabo abazibophezele ekusebenzisaneni noHulumeni ekuletheni ukuthi kusiFundazwe kanye nasemahostela akhungethwe uthuthuva. "Sicela ukwedulisa ukubonga kakhulu eSilweni namakhosi aseNdunkulu ngokuzibophezelwa kwabo ekusebenzeleni ukuthula nentuthuko esizweni, kusho," kusho uMchunu.

UMchunu ubuye wabonga amaphoyisa ngomsebenzi omuhle awenzayo kepha waphinde wezwakalisa ukukhathazeka

kukahulumeni ngokuhlasela nokubulawa kwamaphoyisa KwaZulu-Natal.

Uveze nokuthi kusukela ngo Apil 2014 kuya kuMarchh 2015 sekubulewe amaphoyisa ngu-15, ethi lokhu kungukulahlekelwa okukhulu kakahulumeni nomphakathi.

"Siyaghubeke nokugqugquzelwa imiphakathi ukuthi ilwisanee nokubulawa kwamaphoyisa.

Manje sekunombono wokuthi labo ababulala amaphoyisa kufanele bathathwe njengamavukela mbuso futhi bajeze kanzima. "Kumanje nje sesijutshwe nguHulumeni njengomnyango ukuthi sisebenze

namphoyisa ekutheni kuchitshiyelwe umthetho ukuze kuthi labo ababulala amaphoyisa bajeze kanzima," kusho uMchunu.

Uveze nokuthi kulonyaka kuzoqiniswa umkhakaso wokugqugquzelwa umphakathi ukuthi ulwisanee nobugebengu nokubulawa kwaphoyisa ngokuthi kutholakale abantu abayisigidi abazozibophezelwa ekulwini nalomkhuba wokubulawa kwamaphoyisa (One Million Signature Campaign Against Crime and Police Killings). ends

ABABHIKISHA NGOKUNGEKHO EMTHETHWENI BENZA ICALA FUTHI BAZOTHATHELWA IZINYATHELO- MCHUNU

SINDISWA HLOPHE

ININGI lemibhikiso, esithe cithi saka esiFundeni saKwaZulu-Natal, alikho emthethweni, lingukwephula umthetho, ukuhlukumeza amalungelo abantu kanti uHulumeni uphezu kohlelo lokubathathela izinyatheko labo abenza lokhu.

Lokhu kuvezwe nguNgqongqoshe weZokuthutha, uKuphepha nokuXhunyaniswa koMphakathi, uMnuz Willies Mchunu, ngenkathi ethula ibhajethi yomnyango wakhe ka-2016/17 eMgungundlovu.

UMchunu uthi ilungelo lokubhisha, ungahlomile futhi ngokusemthethweni, liylungelo elisethethweni futhi nokuyilungelo izishoshovu zenkululeko ezalilwelayo.

Kepha uMqulu wamaLungelo

(Bill of Rights) ukubeka kucace bha ukuthi ekusebenziseni lamalungelo akho avikelekile kumthethosisekelo akufanele ukwenze ngendlela ehlukumeza amalungelo abanye abantu.

"Lokho kungukwephula umthetho nokuhlukumeza amalungelo abanye abantu okuphila ngokuthula.

Ngakho ke yonke lemibhikiso ebanjwayo kungenamvume, nehambisana nodlame lokucekela phansi impamhla nokuvimnjwa kwemigwaqo, ayikho emthethweni futhi ingukwephela umthetho," kusho uMchunu.

UMchunu uqhube wathi, njengabo bonke ubugebengu, uhulumeni ubophezelekile ukuthi abathathela izinyawo labo abenza lemibhikiso ngoba bephula

umthetho futhi bahlukumeza amalungelo ezinye izakhamuzi zaKwaZulu-Natal.

"Umthetho ukwenza kucace bha ukuthi labo abangqungquzelwa imibhikiso engekho emthethweni neholela ekutheni kucekelwe phansi impahla nodlame kufanele babhekwe icala futhi baphoqwe ukuthi bakhokhe izindleko zayo yonke impahla ecekelwe phansi nalabo bantu abalimele kulembihikiso.

"Siphezu kwezinhlalo eziningi, okufaka phakathi nendlela esemthethweni, yokuvimba lemibhikiso engekho emthethweni newukuhlukumeza kwamalungelo ezakhamizi zaKwaZulu-Natal," kuphetha uMchunu.



UNggongqoshe wezokuThutha, ukuPhapeha nokuXhunyanisa uMphakathi, uMnuz Willies Mchunu, exoxisana nomphakathi emveni kokuthi bebe nemashi. Isithombe: SBU ZUNGU

UMNYANGO UQINISA UHLELO LOKUFAKA ABAMNYAMA KWEZOMNOTHO

NOMFUNDU MCETYWA

UMNYANGO wezokuThutha KwaZulu-Natal usuzibophezele ngokwenyusa izinga lokugqugquzelwa uguquko kwezenhlahlo-mnotho.

Lokhu kuzokwenziva ngokuqinisekisa ukuthi abantu abamnyama bayahlomula engxenyeni enku yesabelo mali uMnyango obhekelela ngaso ingqalasizinda yomgwaqo nezokuthuthwa komphakathi.

Ekhulumna ngenkathi ethula isabelo mali sika-2016/2017 uNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhapeha nokuXhunyanisa uMphakathi uMnuz Willies Mchunu uthi izwe lethu manje libhekene nomsebenzi ophuthumayo wokuguqula umnotho uye kubantu abamnyama, okuyinto esilibaziseke isikhathi eside. "Kufanele sishintshe ubuso

kwezomnotho uma sikhuluma ngokuletha kwengqalasizinda yomgwaqo kanye nezokuthuthwa komphakathi ezixhaswe nguhulumeni, kwenyuswe nezinga labantu abamnyama kwezomnotho.

"Kulo nyaka wezimali sizoginisa ukwenza ngcono izinga lokubamba iqaza kwezinlkampani zabamnyama, njengoba sesiqoke ochwepeshe ema-area office abazobhekana nengqalasizinda yomgwaqo.

Labo chwepeshe bazolekelela ukuphcula ukuhlinzekwa kwezidigo zoMnyango," kusho uMchunu.

Uthe kulo nyaka kuzoqaliswa ngohlelo lokuguqula indlela yokusebenzisa osonkontileka abazimele. Ngokufanayo, ohlelwani lokuxhassa izithuthi

zomphakathi, iSubsidised Public Transport Services, sekunezinkontileka eziyisithupha esezisayinwe ngaphansi kohlelo lokuletha izinguqoko.

Kulokhu sekudluliselwe isamba semali engu-R100 million ezinkampanini zabamnyama. Lezi zinkontileka zyingxene yeziyinlkontileka ezingu-23 ezibekelwe uhlelo Iwezinguqoko esifundazweni sonkana," kusho uMchunu.

UMchunu uthi zombili lezi zinhlelo zizoqinisekisa ukuthi kuba nokwabiwa komsebenzi nomnotho ngendlela enobulungiswa nangokulingana.

"Ngapezulu kwale mikhakha emibili, njengamanje sisezinhlalo-weni zokuphuthula ukubuyekezwa kohlelo IoMnyango ngokubanzi lokuletha izinguqoko



UMSEBENZI wamabhasi ungomunye waleyo uMnyango wezokuThutha oyibheke kakhulu ohlelwani Iwawo lokuguqula ezomnotho. Isithombe: SBU ZUNGU

ngokushesha kwinhlalo-mnotho lapho sisebenza ngezinqumo zeProcurement Indaba

yesifundazwe ebihlangene ngo-2015," kusho uMchunu.

ISABELO SEZIMALI SOMNYANGO WEZEMFUNDU

Kuyasijabulisa ukuthi isabelomali soMnyango senyukile sisuka ku 34.477 billion konyakamali ka 2012/2013 sifinyelela ku R45.364 billion kulonyakamali ka 2016/2017.

SIHLE MLOTSHWA

UMphathiswa weZemfundo KwaZulu-Natal, u Neliswa Peggy Nkonyeni uthule isabelo simali soMnyango weZemfundo KwaZulu-Natal esingu R 45 464 373 billion.

Ethula lesabelomali, uMphathiswa uNkonyeni uthne nakuba lesabelomali singu R45 464 373 billion, kepha u R31 892 million ngeke usetshenziswe kulonyakamali njengoba kumele ukhokhe izindleko ezenzeka ngonyakamali ka 2013/2014. Lokhu kushiya uMnyango nesabelomali sika R45 432 481 billion.

UMphathiswa uthne bayasihlonipha isexwayiso

soMphathiswa u Bellinda Scott sokuthi kunesidingo esikhulu sokuthi yonke iminyago kaHulumeni kumele yonge imali ngenxa yesimo somnotho esintengayo.

"Kuyasijabulisa ukuthi isabelomali soMnyango senyukile sisuka ku 34.477 billion konyakamali ka 2012/2013 sifinyelela ku R45.364 billion kulonyakamali ka 2016/2017.

UMnyango weZemfundo ungomkhulu kakhu - unabasebenzi abantu 110 000 (u 90 000 wabo ngothisha) abafundi abantu 2,8 million kanye nezikole ezingu 6248. Lokhu kusho ukuthi ingxene enku yalesabelomalo iya emaholweni abasebenzi boMnyango. "Ingxene enku

yalesabelomali iya ekukhokhelweni kwabasebenzi futhi uMnyango uqala lonyakamali unengcindezi enku yezezimali, kodwa noma kunjalo sizimisele ukwenza umsebezi wethu ngokuzimisela nangobuqotho," kusho uMphathiswa uNkonyeni.

Lesabelomali soMnyango sizobhekela izinhlelo zoMnyango ezifana nokuphakelwa kwabafundi, ukuthuthukisa I curriculums, ukuphucula ingqalasizinda, ukuqinisekisa ukuthi abasebenzi banazo izinsiza zokusebenza, ukuxhasa uhlelo lokuphucula imiphumela, ukuphucula imfundo yalabo abaphila nokukhubazeka kanye nezinye izinhlelo zoMnyango eziningi.



UHLELO LOKUPHAKELA ABAFUNDI (NSNP)

Loluhlelo Iwaqala ngo 1994 njengendlela yokuhlangabezana nobubha kanye nokuvula amathuba emisebenzi, ikakuukazi kosomabhizinisi abasebancane. Loluhlelo luthole imali engu 1 355 247 000 kulonyakamali ka 2016/2017

UMnyango weZemfundo KwaZulu-Natali usuqoke kabusha labo abazophakela abafundi

ngaphansi kohlelo Iwe National School Nutrition Programme.

Loluhlelo lokuphakela abafundi lumphakela abafundi abantu 2273395 ezikoleni ezingu 5277 kwisiFundazwe sonke sa KwaZulu-Natali. Bantu 10973 abazali babafundi abaqaqashwe ngaphansi kwaloluhlelo abaphakela abafundi bese bethole isibonelelo esingu R 1000 ngenyanga. Njengendlela

yokwakha amathuba emisebenzi, angu 1930 ama SMMEs nama Cooperatives amenywe ukuthi abe yingxena yaloluhlelo.

KwisiFundazwe sonke angu 1930 ama clusters angaphansi kwaloluhlelo, ama Cooperatives wona angu 195 kanti ama SMMEs wona angu 1705. UMnyango ukuqinisekisile ukuthi izinkinga ebezikhona, ebezenza laba

abakuloluhlelo bangakhokheleki ngesikhathi ziyalungiswa.

UMnyango nokho ukhathazekile ngemibiko ethi kukhona osonkontileka abanganeme ngendlela uhlelo lokuqoka amaservice providers oluhambe ngayo, esekubikwa ukuthi baphazamisa loluhlelo futhi babuye basabisa labo abaqokelwe loluhlelo. UMnyango unxusa labo

abanezikhalo ukuthi balandela imigudu efanele yokuthula izikhalo.

Lokhu bangakwenza ngokuya emahhovisi ezifunda. UMnyango uphinda unxusa labo abaqokelwe kuloluhlelo ukuthi basebenze ngokuzikhandla futhi baqinisekise ukuthi abafundi baphakelwa ngazo zonke izinsuku.

UKUTHUTHUKISWA KWENGQALASIZINDA

Loluhlelo luthole ukwehlela isabelomali ngenxa yengcindezi yokukhokhela abasebenzi yangonyakamali ka 2014/2015. Nakuba kukhona izinselelo kwisabelomali ebhekeleni nengqalasizinda UMnyango weZemfundo KwaZulu-Natali ukwazile ukwakha izikole ezintsha eziyisishiyagalombili (8) konyakamali ka 2015/2016.

Lezikole yi Mgezeni High School (Uthungulu), I Quarry heights (Umlazi), Mvuzo High School (Umgungundlovu), Busana High School (Umzinyathi), Mbaliyehtu Primary (Ethekwini), Kastrubha Gandhi Primary School and Khalipa Primary School, Kanyene Groutville High School (ilembe). Zingamashumi amabili nesikhombisa (27) izikole

ezakhiwayo kulonyakamali ka 2015/2016.

"Ngo 2016 kuya ku 2017 ziyishumi nane (14) izikole ezintsha sha ezizoqedelwa ukwakhiwa. Lezikole kubalwa kuzo Ibihlenibenkosi, I Welabasha, iNtulabakayise, Kanyene nesithatbatha iNdumo New Model School eseMkhanyakude. Njengengxenye yoMnyango kwi

Nkululeko Development Project, uMnyango uzokwakha I Bhekabantu High School ibe yi Boarding School kumasapala waseMsinga," kuchaza uMphathiswa.

Njengengxenye yokuthuthukisa imfundo nokulekelela abantwana abaphila nokukhubazela uMnyango wakha ama Special Schools amane (4), amathathu

awo azoqedwa ngalonyakamali. Lama Special Schools atholakala kwisiFundza I Harry Gwala kanye Nomzinyathi okuyi Malezulu, I Vulekani kanye no Kukhanya Komsinga. I Pholela Special School yona izoqedwa ngonyakamali ka 2017/2018.

IMFUNDU YALABO ABAPHILA NEZINGQINAMBA – INCLUSIVE EDUCATION

Inani lama Special Schools kwisiFundazwe saKwaZulu-Natali lingu 101 kanti lezikole zinesamba esingu 17 million ezibhekele izinsiza ezidingga yiloluhlobo Iwezikole, kanye

nokuthenga ifenisha efanele. Ngonyakamali ka 2015/2016 uMnyango waqala ukusethenziswa kwe sign language okudle uMnyango imali engu R2.2 million esinyuswe yaba

ngu R 2.5 million kusabelomali sika 2016/2017. Isamba esingu R 4.2 million sibekelwe ukuqeleshwa kwabafundi ukusebenzia I braile, I sign language kanye necurriculum ebhekeleni izidzingo zabafundi

abaphila nokukhubazeka. Isamba esingu R 12 million sona sibekelwe ukuthenga amabhasi athutha labafunda kwifunda Umkhanyakude, Harry Gwala, Othukela, Amajuba, Umzinyathi

Kanyene Zululand. "Ukuthengwa kwalambabasi kuqale konyakamali ka 2015/2016," kuqinisekise uMphathiswa uNkonyeni.



MS NELISWA PEGGY NKONYENI, MEC FOR EDUCATION

IZINSIZA KUSEBENZA (TOOLS OF TRADE)

"Ekukhulumisaneni kwethu nabasebenzi boMnyango sathola ukuthi kunokushoda kwezinsiza kusebenza okwakwenza kungasebenzeki kahle. Nakuba kunengcidezi yezimali sabona ukuthi kumele sisiskumele lesimo. Ngo March ka 2015 sabeka eceleni isamba esingu R 15, 000, 000 ukuze kuthengwe izimoto zoMnyango. Sibe sesithenga izimoto ezingu 95, sabuya sabeka eceleni u 27, 000,000 sathenga ezinye izimoto zoMnyango ezingu

125 ngenyanga ka October ka 2015. Ngo March ka 2016 saphinda safaka isamba esingu R30 million ukuthenga ezinye izimoto. Lezizimoto zinikezwe iNhloko Hhovisi kanye neziFunda. SiwuMnyango siphinde sabeka eceleni isamba esingu R26 million ukuthenga ama laptops nama desktops abasebenzi boMnyango. Sisebenziana no SITA sithenge ama desktops angu 1721 nama laptops angu 496.

UKUPHUCULA IZINGA LEMIPHUMELA

Sekuwumlando ukuthi isiFundazwe sa KwaZulu-Natali sehlelwa yimiphumela kwizivivinyo zango 2015.

Ngaphansi kohlelo Iwethu Iwe Operation Bounce Back uMnyango usebenzise imali engu 50 million ukuqinisekisa ukuthi amasu omnyango okuphucula imiphumela ahamba ngendlela. Improvincial Improvement Plan yango 2016 ifuna ukuzuza lokhu okulandelayo: Ukuphucula imiphumela

yesiFundazwe ngo 10%, Ukuphucula imiphumela yazo zonke iziFunda, Ukuphucula imiphumela yezifundo ezifana ne Maths, Science, Accounting kanye nezinye ezibizwa ngama GateWay Subjects, Ukuqedu imiphumela engaphansi kuka 30% ezikoleni,

Ukwandisa isibalo sezikole ezithola ngaphezu kuka 60% kwimiphumela Kanye Nokukhuphula izinga lezikole eziphasa ngama Bachelors

Ziningi izinhlelo zoMnyango kulesabelomali sango 2016/2017. UMnyango unxusa imiphakathi kanye nezinhlaka ezithintekayo emfundweni ukuthi basebenza noMnyango ukuthuthukisa imfundo yesiFundazwe.

SIMI KANJE ISABELO MALI SOMNYANGO

PROGRAMME REFERENCE	PROGRAMME NAME	AMOUNT
1	Administration	1,833,037
2	Public Ordinary Schools	37,899,641
3	Independent Schools Subsidies	81,941
4	Public Special Education	1,020,360
5	Early Childhood Development	803,579
6	Infrastructure Development	2,509,501
7	Examinations and Education Related Services	1,316,314
Total Budget for the department		45,464,373
First Charge due to Unauthorised Expenditure		(31,892)
Total Budget Available for spending		45,432,481

USCOTT WETHULA OWENGULAZI KUMASIPALA WASEMPENDLE

Sigcizelela umyalezo wokuthi akulona icala ukuba negciwane leSandulelangculazi noma iNgulazi, kepha sithi asebesulelekile abasebenzise izikhungo zezempiro ukuze basizakale.

SIBONELO MSOMI

Ngengomphathiswa owengamele isiFunda soMgungundlovu, uNqgongqoshe wezeziMali KwaZulu-Natal, uNkk. Belinda Scott, usethule umkhankaso wokuwashisa ngengculazi. Lo mkhankaso uyingxene yohlelo lukaHulumeni wsiFundazwe wokuvukuza abantu ukuthi balungele iNgqungquhela yeNgulazi yamaZwe oMhlaba ezobanfelwa eThekwini ebizwa nge 21st International AIDS Conference 2016 ngo 17 - 22 July 2016.

Kwethulwa lo mkhankaso eMpindle nje, isifundazwe sethule owaso ngesonto eledlule. Sekulindeleke ukuthi zonke izifunda zethule izinhlelo ezifanayo komasipala basekhaya abangaphansi kwazo.

Ekhuluma nezakhamizi zaseGomane, eMpindle, uScott uthe umkhankaso wokulwa nengculazi kulesi sifunda uthi akunakekelwe abantu abantekenteke, izintandane, kanye nabadala ukuze kulwiswane nokusabalaka kwengculazi kanye

negciwane layo. "Ngesikhathi siqhuba lo mkhankaso sizosebenziana nezinhlangano ezizimele, ezisebenza nomphakathi sinikele izinto ezizidinga kakhulu ukuze zikwazi ukuqhubeke nomsebenzi wazo wokuhlinzeka usizo kubantu abaludingayo" kusho uScott.

"Lapha eMpindle, siqale savakashela iKhanyisani kanye ne-Impindle Community Care Centre, okuyizinhlangano ezisiza izingane eziyizintandane emphakathini. Sinikele ngezincwadi, umfaniswano wesikole, izijumbane zokudla okunomsoco, izindishi zokudlela, amabhodwe, amabhakede, izitulo zokuhlala izingane, ama-laptop, izintambo zokuxhuma ugesi kanye nesitofu sikagesi.

"Size lapha sihambisana noMnyango wezeMpilo wesiFunda, abakwaFutureLife Foundation kanye noMasipala waseMpindle. Sigcizelela umyalezo wokuthi akulona icala ukuba negciwane leSandulelangculazi noma iNgulazi, kepha sithi asebesulelekile abasebenzise

izikhungo zezempiro ukuze basizakale. Lo myalezo sizowusabalalisa kubo bonke omasipala basekhaya abakhele uMgungundlovu," kusho uNqg. Scott.

UMeya wakuMasipala Impindle, uKhansela Sizwe Ndlela, ubikele unqgongqoshe ngokuphatheka kabi kwakhe ukuthi kunabantu besifazane abanangi kulo masipala abangavakasheli emtholampilo ngesikhathi behkulelw.

"Kungiphathakabi lokhu ngqongqoshe ngoba abanye babo sebenalo leli gciwane leSandulelangculazi.

Uma bengayi emtholampilo badlulwa yithuba lokuhlenqa izingane abazikhulelw. Bebezothola imishanguzo ezovikela ukuthi badlulisele igciwane ezinganeni abazikhulelw. Lokhu kwenza ngingabulali ubuthongo," kuchaza uMeya.

USihlalo weThimba lesiFunda ngaphansi kohlelo lukaHulumeni wesiFundazwe i-Operation Sukuma Sakhe, ophinde abeyiNhloko yesiFunda



Ungq. Scott noNkk. Julika Falcorner wakwaFutureLife Foundation neMeya yakuMaspala Impindle banikela ngemifaniswano i-laptop nezincwadi e-Impindle Community Centre.

uMgungundlovu eMnyangweni wezeMpilo, uNkk. May Zuma-Mkhonza weleke ilaka lakhe ukuthi abantu kule ndawo bahlolele igciwane leSandulelangculazi.

Uthe kubalulekile ukuthi abantu basebenzise izikhungo zezempiro endaweni ukuze basheshe bathole

uma begula babe sebenikezwa imithi efanele.

"Lokhukuyasisiza ukuthi sikhathi ukubhekana nezifo isikhathi sisavuma nabantu bakwazi ukuphila isikhathi eside," kuvala uNkk. Zuma-Mkhonza.

UMNYANGO WAKWA-PUBLIC WORKS UYAZIQHENYA NGOBUKHAZIKHAZI BEZIKOLE OZAKHELA UMNYANGO WEZEMFUNDU KWAZULU-NATAL

■ Lo Mnyango wezeMisebenzi yoMphakathi ubuye wakha nezinkulisa ezintsha ezingamashumi ayisikhombisa nanhlanu (75) zokukhaliphisa abantwana ngaphambi kokuba bayongena ibanga lokuqala.

SPIWE MAPHUMULO

UMnyango wezeMisebenzi yoMphakathi KwaZulu-Natal uyaziqhenya ngokuba ungqa-phambili ekuhlinzekeni ngezingqalasizinda (infrastructure) ezifana nezikole, izibhedlela kanye nemitholampilo kulesi Fundazwe. Lokhu kufakazelwa izakhwi eziqavile ezakhwi yilo Mnyango nezihlala isikhathhi eside zingazange zidilike. Uma kukhulunyuwa engengqalasizinda yezokwakha, uMnyango wakwa-Public Works kulesi Fundazwe uhamba phambili ngoba uma kubalwa kusukela ngo 1994 lelizwe lazuza inkululelo yezoMbusazwe, sekwakhiwe izikole ezintsha ceke eziyikhulu nesithupha nangapezulu (106), kwabuye kwakhiwa amakilasi amasha angaphezu

kwezinkulungwane eziyisithupa (6 411) kanti phakathi kwawo kukhona nangamashumi amahlanu nanye (51) abantwana abazalwe nokukhubazeka. Konke lokhu kudle isamba semali engapehu kwengxenye yesigidigidi (R1,8 Billion). Lo Mnyango wezeMisebenzi yoMphakathi ubuye wakha nezinkulisa ezintsha ezingamashumi ayisikhombisa nanhlanu (75) zokukhaliphisa abantwana ngaphambi kokuba bayongena ibanga lokuqala. Isikole iKhethokuhle Secondary School esiseNanda Area 12 ngasemgwaqeni uZinyane Road siwubufakazi balokhu njengoba uthi uqhamuka laphaya kude ukhangwe isitezi esinamagumbi okufundela kanye negumbi lobuxhakaxhaka

bamakhompuyutha asiza abafundi ngolwazi Iwesimanjemanaje kwezokuxhumana. Ngaphandle kwalokhu, Io msebenzi wesamba semali engu R15 182 909,46 obuwenganyelwe amahhovisi oMnyango aseThekwini (eThekwini Region), ubuye uhlanganise ne Media Centre, amagumbi ezeSayensi, amagumbi ezokuphatha (admin block) igumbi lokuphekela, iMulti-Purpose Block, amathoyilethi ashawayo (flushing toilets) kanye nendlu kaNogada(Security room). Konke lokhu kwakhiwe ngesitini sikamagenqe esixoxa indaba nezinga lobuhle baso.

Okuhle ngale sakihiwo ukuthi wonke amagumbi abuye afakelwa nezinsimbi ezingayi ndawo zokuvikela ubugebengu (steel burglar guards).

Akugcini lapho ngoba isikole size safakwa ngisho nogesi imbalu kanye namapayipi okuletha amanzi ahlanzekile esikoleni. Ngesikhathi kwakhiwa lesikole, umphakathi uzuzile ngokwamathuba emsebenzi ngaphansi ngohele Iwe-Expanded Public Works Programme (EPWP) nokuhloswe ngalo ukuveza amathuba emisebenzi emphakathini kubuye futhi kuqeleshwe lawo malungu omphakathi ngolwazi olonzulu emkhakheni kwezokwakha. Kuloluhlelo Iwesakhiko saseKhethokuhle Secondary School, kuqashwe amalunga omphakathi angapehu kwamakhulu amahlanu, kwabuye kwanikwa ithuba kosoNkontileka bendawo abasakhula ithuba lokuthi balethe izitini, isihlabathi sokwakha

kanye namatshe okuyizinto ezivamise ukulethwa ngamaloli aqhamuka ngaphadle kwendawo okusuke kwakhiwa kuyona.

Ngaphandle kwalokho, kubuye kwanikwa intsha ngokohlelo le National Youth Service (NYS) ithuba lokufunda ngokuxhunyuwa kwamapayipi (plumbing) ngesikhathi lo msebenzi uqhubebe.

Kuleminyaka emihlanu ezayo, uMnyango wezeMisebenzi yoMphakathi KwaZulu-Natal unezinhlelo ezahlukene zokuthuthukiswa kwengqalasizinda (infrastructure) okubalwa kuyo izikole, izibhedlela kanye nemitholampilo emisha.




health
Department:
Health
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

Ukwethula iSabelo-Zimali soMnyango wezeMpilo KwaZulu-Natali salo nyakazimali kunginike ithuba lokubikela umphakathi ngemisebenzi uMnyango ophumelele ukuyenza nosazoyenza. UHulumeni waKwaZulu-Natal ngokugwema ukualwa kwestibhledela iMcCord nokusiguqula sibe yiSibhledela sesiFundazwe Esisezingeni Eliphezulu, kulethe usizo olunqala ekwelashweni kwamehlo. Lesi sinqumo savikela imisebenzi. Siyaziqaja ukubika ukuthi nsuku zonke, lesi sibhledela sengula amehlo eziguli eziphakathi kweshumi nanhlanu (15) kuya kwezingamashumi amabili (20) ngosuku. Ngiyajabula ukuthi izinhlelo zoMnyango zokulwa nokubhebhethaka kwegciwane leSandulela-Ngculazi ne-TB kanye nokuthuthukisa ukunakekelwa kwabakhulelw kusisize ukwehlisa isibalo somama abashona ngenxa yezinkinga ezilumbene nokuzithwala noma beteta. Isibalo somama abebeshona bezithwеле noma beyoteta sehle saba wu-239 ngo-2015, sisuka ku-385 ngo-2010. Izinhlelo zoMnyango wezeMpilo zokulwa nokushona kwengane eyodwa kwezingu-20 ngaphambi kokuhlanganisa iminyaka ewu-5 yobudala, zikhombise enku impumelelo. Kulezi zinhlelo singabal: • Ukuqeleshwa kwabahlengikazi

- nodokotela ngeZinyathelo Ezisemqoka Okumele Zilandelwe Kwezokubelethisa;
- Ukuqikelela ukuthatha ngokuyikho imininingwane kamama ozithwеле nengane ngohele lwe-Partogram. Lokhu kuqinisekisa ukubeletha ngendlela efanele nokuhlonza kusenesikhathi uma kunezinkinga; Ukuqinisekisa ukuthi umsebenzi wokubelethisa wenziva ngabasebenzi bezempilo abaqeqliwi nabanekhono lokuhlinza ukugwema ukushona komama.
- Uhlelo loMnyango uPhila Mntwana lusiza uMnyango ukwehlisa isibalo sabantwana abashona bengakafiki eminyakeni eysihlanu ngenxa yezifo ezhinlobonhlobo. Umnyango unezikhungo eziwu-552 zalolu hlelo ezsiza kakhulu nasekugqugquzeleni omama ukuba bancelise abantwana, futhi baqinisekise ukuthi yonke imigomo bayitholile.
- Izikhungo zoMnyango zokugcinwa kobisi lwebele (Human Milk Banks) ezbhedlela eziyisithupha, okuyi-Grey's; King Edward VIII; Stanger; Edendale; Newcastle nase-Lower Umfolozi War Memorial Regional Hospital, zibaluleke kakhulu ekwelekeleleni ukusimama kwezempiro zezingane njengoba ingekho into edlula ubisi lukamama.
- UMnyango uphumelele ukwehlisa
- isibalo sabantwana abazalwa negciwane leSandulela-Ngculazi sisuka ku-9.5% ngo-2009/10 saya ku-1.3% ngo-2014/15. Kuyathokozisa ukuthi isibalo ziyaqhubeka nokwehla njengoba manje sesiwi-1.2%. I-Provincial Aids Council, eholwa wuNdunankulu uMnuz Senzo Mchunu, idlala enkulu indima ekulweni nokubhebhethaka kwegciwane leSandulela-Ngculazi. Eminye imikhankaso yokulwa nokubhebhethaka kwegciwane le-HIV yile:
- UkuZivikela okuMbaxambili (Dual Protection), ngokusoka nokusetshenziswa kwe-condom kwabesilisa nokuhlela imindeni nokusetshenziswa kwe-condom kwabesifazane.
- Ukuqeleshwa kwabahlengikazi abawu-1 133 ukwaluleka nokuhlolokungase kugebesulele ngegciwane;
- Ukuhlinzeka ngezempiro ezindaweni ezithathwa njengezinamathuba amakhulu okusabalala igciwane le-HIV. "Hlola Manje - Zivikele."
- "First things First" and "Graduate Alive" egxile kubafundi abasezikhungweni zemfundo ephakeme.
- Ukusabalala oNompilo abasebenza

**AMAGALELO
OMNYANGO
WEZEMPILO
E-KZN**

nezinhlaka ze-Operation Sukuma Sakhe ukuqinisekisa kokunye ukuthi omama abazithwеле basheshe baye emtholampilo ukuze labo abanegciwane bathole usizo ukuze bangatheleli izingane abazizalayo. Sikholwa wukuthi akusekude ukuthi lesi Sifundazwe singabi naneyodwa ingane ezalwa negciwane leSandulela-Ngculazi. Kepha lokhu kungenzeka kuphela uma sonke singabambisana, siqinisekise ukuthi sifundisa futhi sikhuthaze wonke umuntu oya ocansini ukuthi enze ucansi oluphephile.



UNGQONGQOSHE WEZEMPILO -
DR SIBONGISENI DHLOMO